# U Yini UMoya Ongcwele Na?

. . . cishe okomhlangano. Lomhlangano uzoba umhlangano othe ukwehluka kancane kunalowo esihlala sibanawo lapha. Imvama, njalo uma sizobuthanela lapha, kungumhlangano woku . . . wokuphulukiswa kwabagulayo nangezidingo zangokomzimba. Kuyisigcizelelo esibekwa phezu kwalokho. Kodwa namuhla ebusuku siqale lemvuselelo yokuphulukiswa komphefumulo, u—umoya womuntu.

Nokho, iNkosi ithanda, ngeSonto ekuseni, kuSonto sikole, ngeSonto ekuseni, sizoba nomkhuleko wabagulayo nomugqa ojwayelekile wokuphulukisa, kwangeSonto ekuseni, iNkosi ithanda. Nalobubusuku beviki, sicindezeleke kakhulu ukuba sikhulume ngezinto zaPhakade zo—zomphefumulo.

2 Manje, siyazi ukuthi uma u—umzimba uphulukiswa, lokho kusenza sonke sijabule, ngoba siyazi ukuthi ngempela kutshengisa ukuthi uNkulunkulu wethu uphulukisa abagulayo. Kodwa lowomuntu ogulayo, uma bephila isikhathi eside impela, mhlawumbe bayophinde bagule futhi, mhlawumbe baphathwe yisifo esifanayo ababephulukiswe kuso, nalokho akukususi ukuphulukisa. Udokotela uyonikeza umuthi wenyumoniya, futhi mhlawumbe emva kwezinsuku ezimbili bayobulawa yinyumoniya emva kokuba esesho ukuthi bayaphila. Kuphinde kwenzeke futhi. Kodwa uma lowomphefumulo uphulukiswa, lapho-ke ubanalokhu, kuwe, ukuPhila okuPhakade.

3 Futhi ngiyakholwa ukuthi sisondele kakhulu kakhulu ekuBuyeni kweNkosi uJesu, ukuthi kusifanele ukwenza konke esingakwenza ukuletha wonke umphefumulo eMbusweni, nokuletha uMbuso kubantu, ukuze siphulukiswe imimoya yethu. Ngikholwa ukuthi umzimba kaJesu ungumzimba ogula ukwedlula noma yimuphi engiwaziyo; okungukuthi, u—umzimba, umzimba wokomoya kaKristu emhlabeni, ugula kakhulu.

4 Futhi manje, asihlosile ukunihlalisa isikhathi eside ebusuku, ngoba ngobusuku bokuqala asinalo ikamelo lokuhlalisa abangane bethu abathandekayo. Sihlongoza ukwakha indlu yokukhonzela entsha, itabernakele elikhulu khona lapha nje kulezizingxenye, kumbe noma ngabe yikuphi lapho iNkosi eyoholela khona; kodwa ngokwazwi kwethu, kulapha.

5 Futhi manje sesiwumemezele umhlangano, olwesiThathu kuze kube yiSonto. Kepha-ke ngeSonto, kuvalewa amaholide kaKhisimusi, kodwa ku . . . noma yinini lapho iNkosi isitshela

ukuba sime khona, kuyoba yingalesosikhathi. Asazi ngempela ukuthi kuyoba miphumela mini. Kodwa ngikholwa ukuthi abafo lapha etabernakele namabandla angodadewethu, okungukuthi, elinye lawo yi—yiholiness tabernacle e Utica, uMfowethu Graham Snelling angumfundisi kulo, nase New Albany lapho uMfowethu—uMfowethu Junie Jackson angumfundisi kulo, kanjalo futhi naphandle emgwaqeni omkhulu lapho uMfowethu Ruddell angumfundisi khona. Thina nabo, angamabandla angodadewabo walelitabernakele, sizama ukuletha i. . . abantu bethu ekuhlanganyeleni okungcono noKristu. Yileyo inhloso yethu. Ngakho ngiqoke ukufunda nokufundisa, ebusukwini obumbalwa obulandelayo. . .

6 Namuhla ebusuku ngifuna ukukhuluma ngesihloko esithi: *UYini UMoya ONgcwele Na?* Futhi kusasa ebusuku, ngifuna ukushumayela ngokuthi: *WaPhiwelwani Na?* Bese ngolwesiHlanu ebusuku. . .Futhi, kwiziqophi, angifuni lokhu kuqoshwe ngolwesiHlanu ebusuku: *NgiWuThola Kanjani UMoya ONgcwele Na?* nokuthi *Ngazi Kanjani Uma NginaWo Na?* Sizobe-ke sesiyeka kanjalo, bese sibona ukuthi iNkosi iyosihola kanjani, kokwangoMgqibelo neSonto. Futhi ngeSonto ekuseni, yinkonzo yokuphulukisa, nenye inkonzo yokuvangela yangeSonto ebusuku.

7 Futhi manje sifuna wonke umuntu azi ukuthi. . .Futhi ngiyazi iziqophi ziyasebenza ekamelweni elingemuva, futhi sifisa ukusho lokhu. Ngoba, kulemihlangano enjengalo, ohlobweni lokuvangela, sinabantu abavela ehlelweni elehlukile lamabandla abafundiswe ngokwesikhundla senkolelo yabo, ngamunye. Futhi lokho kulungile. Angikaze ngifune ukuba necala lokuhlwanyela ukungezwani phakathi kwabazalwane. Futhi phandle emihlanganweni, ngishumayela nje ngamaQiniso amakhulu obuvangeli omBhalo, kulokho abazalwane abaxhasa umhlangano wami abakholelwa kukho. Kodwa, etabernakele lapha, ngi—ngifuna ukukhuluma ngalokho esikukholwayo. Ngakho, uma ni—uma ningakuqondi, ngingajabula kakhulu ukuba nencwajana noma inothi elivela kini, ukuba ningibuze umbuzo wo—wokuthi yingani sikukholwe kanje. Futhi ngingajabula ukuzama ukukuchaza ngamandla ami onke.

8 Niyazi, onke amabandla, uma ningenayo imfundiso, anisilo ibandla. Nifanele nibe nento eniyimeleyo, imigomo ethize eniyiphakamisileyo. Futhi akukhathaleki ukuthi umuntu ungene kuyiphi inhlangano noma ihlelo, uma lowomuntu ezalwe nguMoya kaNkulunkulu, lowo ungumfowethu noma udadewethu, akukhathaleki ukuthi. . .Singahluka kwezinye izinto, njengenhlukano yempumalanga nentshonalanga, kodwa siseyilokhu singabafowethu. Futhi ngingenze lutho ngaphandle kokuzama ukusiza lowomfowethu ukuba asondele, ahambe kangcono kuKristu. Futhi ngikholwa yikuthi noma yimuphi owangempela, umKristu weqiniso uyongenzela into efanayo.

9 Manje, ngicele lelitabernakele . . . Manje, asingeni kulokhu ukuba nje kube umhlangano oyindendende. Ngifuna ukungena kulokhu, futhi ngifuna nina, futhi nginicelile, ukuba nishise onke amabhuloho asemva kwenu, nihlambuluke zonke izono, ukuthi sizongena kulokhu ngakho konke lokho okusezinhliziyweni zethu nasezimpilweni. Sifanele size lapha ngenhloso eyodwa qhwaba yokuba imiphefumulo yethu ilungele ukuBuya kweNkosi, futhi hhayi enye inhloso. Futhi njengoba ngikhulumile futhi ngasho, ukuthi mhlawumbe ngesinye isikhathi ngingahle ngifundise kumbe ngisho okuthize okungahle kuthi ukuphambana kancane kunalokho omunye umuntu, ngendlela abakukholwa ngayo. A—angi—ngizelanga khona ukuphikisana, niyabo. Ngi—ngizela . . . Silapha ukulungiselela ukuBuya kweNkosi. Futhi ngicabanga ukuthi leliqembu elincane . . .

10 Nginabazalwane abayizivakashi kanye nami lapha engibaziyo, abavela ezindaweni ezahlukeneyo, futhi siyajabula ukuba nabo. Futhi akungabazeki ukuthi laphaya kuyizethameli zonke lapho, kukhona abanye abavela ngaphandle kwedolobha, abavela ngaphandle emadolobheni akithi amancane ahlanganayo azungeze lapha. Futhi siyajabula ukuba nani, futhi siyanithakasela kakhulu, uma nisithanda kakhulu kangaka nize nizolalela lezizinto. Nkulunkulu . . . Sengathi ningawathatha niye nawo ekhaya, mfowethu, dadewethu, amagugu acebe kakhulu uNkulunkulu angawathela enhliziyweni yenu, kungumkhuleko wami.

11 Futhi kulelitabernakele elincane, njengoba ngikholwa ukuthi lingelinye labantu abanomoya omuhle kakhulu engikholwa ukuthi bakhona emhlabeni, baya kulelitabernakele. Manje, angizange ngisho ukuthi "bonke" abantu abanomoya omuhle kakhulu. Ngithe abanye babantu abanomoya omuhle kakhulu emhlabeni baya kulelitabernakele. Kodwa njengosuku nosuku, kungena emuva, ukusuka emhlanganweni kuya emhlanganweni, ngibona isidingo esikhulu salelitabernakele, isidingo esikhulu kulo, futhi lokho kungokokuba ligcwaliswe, kumbe ukwahlukaniswa, impilo ejulile, ukuhamba eduzane noNkulunkulu. Futhi ngibethembise ukwenza lokhu, ukuba nalemiLayezo engeyabo. Futhi siyajabula ukuningenisa futhi nihlanganyele nathi macala onke eZwini likaNkulunkulu, njengoba sifundisa futhi sizama ukuliphumisa.

12 Manje, ubusuku bokuqala obuthathu asizukuthatha isihloko ukuba sishumayele ngaso, kodwa uMlayezo esizofundisa ngawo ovela eZwini likaNkulunkulu.

Futhi manje, ngoba, angizukucela muntu ukuba enze noma yini engingelwenze mina qobo lwami. Futhi leliviki libe yiKalvari ephelele kimi. Bengisondele kakhulu e—ebumnyameni bengqondo, njengoba ngingakubeka kanjalo, ngaze ngacishe

angabe ngisazazi qobo lwami. Kepha nginikele ngokuphelele yonke intando, nakho konke engikwaziyo, eNkosini.

13 Ngobunye ubusuku, lapha nje sekuthi akube semuva kancane kwaphakathi nobusuku, unkosikazi nami, emva kokuba sesihleli, futhi sikhuleka sikhuluma neNkosi, ngale kwesenabelo sezinyawo esincane e. . . ekamelweni lethu elingaphambili, sinamaBhayibheli amabili avuliwe, sazehlukanisela uNkulunkulu kabusha, ukuba sibeyinkonzo ephelele, ukuthi sizonikela ngezintando zethu uqobo, nakho konke, nawo wonke umcabango ophikisanayo, sikhonze iNkosi uJesu.

Futhi ngethemba ukuthi lokho bekuyisimiso senu, futhi, ukuthi nani nenze into efanayo. Bese kuthi-ke uma siza namuhla ebusuku, siza emihlabathini engcwele, phakathi kwabantu abakade bekhuleka, futhi bezila, futhi benza ukubuyisela, futhi balungele ukwamukela okuthize okuvela kuNkulunkulu. Futhi ngiyazi ukuthi oyofika elambile akayikuhamba elambile, kodwa uNkulunkulu uyokondla ngeSinkwa sokuPhila.

14 Manje, ngaphambi kokuba sifunde eNcwadini yaKhe engcwele, asikhothamise amakhanda ethu kancane nje ukuba sikhuleke.

15 Nkosi, usuvele wenziwe umkhuleko kulendawo kulobubusuku. Bekukhona . . . amaculo aseZiyoni kade ehlatshelelwa abantwana baKho. Izinhliziyo zabo ziphakanyisiwe. Futhi size lapha ukuba sizahlukanisele Wena, nokukhonza Wena ngokuvela ekujuleni komphefumulo wethu. Futhi sicela Ukhumbule lokhu, Nkosi, ukuthi Wathi ngenkathi Uhlezi entabeni futhi wafundisa abafundi baKho, "Babusisiwe abalamba bomele ukulunga, ngokuba bayakusuthiswa." Wakwethembisa, Nkosi. Siza kulobubusuku nezinhliziyo ezivulekileyo. Siza, silambile somile, futhi siyazi Uzosigcina isethembiso saKho.

16 Njengoba sikhuthalela ukuvula lamakhasi angcwele eBhayibheli, ukuba sifunde kuLo izindikimba, sengathi uMoya oNgcwele ungaLithatha ulise kuleyo naleyo nhliziyo. Futhi sengathi leyoMbewu ingawela phansi ekujuleni, kokholo olucebile oluyoveza zonke izethembiso iZwi elizenzileyo. Sizwe, Nkosi, usihlanze, usivivinye. Futhi uma kuba notho olungcolile ngathi, Nkosi, noma yisiphi isono esingavunyiwe, noma yini engalungile, yembule khona manje, Nkosi, sizohamba siqonde ngqo sikwenze, ngokuba siyaqonda ukuthi siphila emathunzini okubuya kweNkosi uJesu. Futhi sesi, O Nkulunkulu oNgcwele, fike emathunzini okwaKho—okulunga kwaKho kulobubusu, futhi sinxusa ukuzinikela okusha, nokuzahlukanisela, nokugcwalisa kukaMoya oNgcwele ezimpilweni zethu.

17 Njengoba kubonakala ukuthi imililo yemvuselelo iqala ukufiphala, asiphonse ukhuni lweZwi, ukuze Lokhele umlilo

omusha, ukuze izinhliziyo zethu zigcwale intshisekelo. Singcwelise, Nkosi, ngeZwi laKho eliyiGugu neGazi laKho, nomusa waKho, siyanxusa. Nakho konke ukubonga nodumo luzoba ngolwaKho. Susa lonke ubandlululo ezinhliziyweni zethu. Sihlanze, O Nkosi. Siphe izinhliziyo ezimsulwa, nezandla ezihlanzekileyo, nemiqondo ehlanzekileyo, ukuze size endaweni yaKho engcwele, ubusuku nobusuku, sijabula sigcwaliswe ngoMoya waKho. Sicela lokhu eGameni likaJesu, nangenxa yaKhe. Ameni.

18 Ngifisa ukufunda iZwi njengamanje. Futhi kusa... nginicela ukuba nilethe amaBhayibheli enu, namapensela enu, amaphepha enu, mayelana nemiBhalo. Uma nifisa kanjalo, kungaba kuhle kakhulu. Futhi manje ngenkathi nisathola isahluko 7 seZenzo, ukuqalisa; ukuphendula umbuzo, kumbe ukuqala ukuphendula umbuzo: *UYini UMoya ONgcwele Na?*

19 Akukho lutho oluyohlula uSatane, akukaze kubebikho lutho emhlabeni kuze kube manje oluyoke lwehlule uSatane, njengeZwi likaNkulunkulu. UJesu waLisebenzisa empini yaKhe enkulu; Wathi, "Kulotshiwe..."

20 Futhi namhlanje ekuseni, ngenkathi kade ngilalele, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, kwezokusakaza ngomoya okwabonakala kufuna ukusho ukuthi okudaliweyo kuvela emilotheni ethize epheshethwa iqoqane ndawonye, nomuthi othize ongusawoti we asidi yomuthi othize ompofu okhanyayo ebumnyameni, nezithako zemvelo ezimbalwa zomhlaba, nokukhanya kwelanga okufudumele kwadala imbewana yokuphila yase iphumisa ukuphila. Ubuthutha obungaka pho! Kanti, ukukhanya kwelanga kuyobulala noma yiyiphi imbewana yokuphila. Beka imbewana ekukhanyeni kwelanga, kuyoyibulala masinyane. Futhi ayikho into enjalo; kodwa uSatane uzama ukungingqubuza ngakho. Futhi emva kokuba sengithathe uRebekah wami omncane ngimusa esikoleni namhlanje ekuseni, futhi endleleni sengibuya, ngibuye ngaqala ukuvula umsakazo futhi; futhi ngicabange ukuthi ngizobuye ngithole leyonto futhi, ngakho ngavele ngawuhlehlisa ngawuvala.

Futhi ngathi ngisenyuka ngomgwaqo, uSatane wathi kimi, wathi, "Uyazi yini ukuthi loMuntu ombiza ngokuthi uJesu wayengumuntu nje ofana, ngelinye ilanga osukwini lwaKhe, ofana noBilly Graham kumbe u Oral Roberts. Wayengumuntu nje abaqala ukuba nabantu abambalwa abaqoqanela ngakuYe nokuthi bathi Ungumuntu omkhulu, kwase kuthi emva kwesikhashana Wayesebamkhulu ngokuthe xaxa, Wase-ke eba ngu—ngunkulunkulu kubo. Futhi manje sekusabalele nezwe lonke, selokhu Afa, futhi yilokho kuphela."

21 Ngacabanga, "Ungumqambimanga kangaka pho!" Ngase-ke ngijika lapho nje ngisawela umGwaqo uGraham. Ngathi,

"Satane, wena okhuluma kunembeza wami, ngizothanda ukukubuza izinto ezimbalwa. Kwakungubani lo abaprofethi bamaHeberu abakhuluma ngaye ukuthi uyofika na? Kwakungubani uMesiya ogcotshiweyo na? Yini eyayiphezu kwalawomadoda aMbona ngaphambili futhi akhuluma ngempilo yaKhe, izinkulungwane zeminyaka Engakafiki lapha na? Kwakungubani lo owakubikezela kwaba yikho ncamashi na? Futhi lapho Efika, bathi 'Yabalwa kanye nezelelesi,' futhi Yabanjalo. 'Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu,' futhi Yabanjalo. 'Yayinabacebileyo ekufeni kwaYo, kodwa Yayizovuka, ngosuku lwesithathu,' futhi Yakwenza. Yase-ke yethembisa uMoya oNgcwele, futhi nginaWo. Ngakho nawe vele usuke kuWo, ngoba kulotshiwe eZwini, futhi lonke iZwi liyiqiniso." Wayesesuka ehamba. Mnike iZwi nje, yilokho okukwenzayo. Angeke alimela leloZwi, ngoba Liphefumulelwe.

Asiqale ukufunda namuhla ebusuku esahlukweni 7 se Ncwadi yeZenzo.

> *Umpristi omkhulu wayesethi, Nembala lokhu kunjalo na?*
>
> *Yena wathi, Madoda, bazalwane, no* baba, *lalelani; UNkulunkulu wenkazimulo wabonakala kubaba wethu uAbrahama, eseMesopotamiya, engakakhi eHarana,*
>
> *Wathi kuye, Phuma ezweni lakini, nasezihlotsheni zakho, uye ezweni engizakukukhombisa lona.*
>
> *Khona waphuma ezweni lamaKhaledi, waya wakha eHarana: kwathi, esefile uyise, wamsusa lapho wamhlalisa kulelizwe, enakhe kulo nina manje.*
>
> *Kepha akamnikanga ifa kulo, ngisho, nelingangonyawo: wathembisa kodwa ukuthi uzakumnika lona libe ngelakhe, nelenzalo yakhe emva kwakhe, engakabinamntwana.*
>
> . . . *Nkulunkulu wakhuluma kanje wathi, Inzalo yakhe izakuba ngumfokazi ezweni lezizwe; bayakuyenza izigqila, bayiphathe kabi iminyaka engamakhulu amane.*
>
> *Kepha lesosizwe abayakuba yizigqila kuso ngiyakusahlulela mina,* usho *uNkulunkulu: andukuba baphume, bangikhonze kule*lizwe.
>
> *Wayesemnika isivumelwano sokusoka: kanjalo-ke uAbrahama wazala uIsaka, wamsoka ngosuku lwesishiyagalombili; uIsaka wazala uJakobe; uJakobe wazala okhokho abayishumi nambili.*

22 Phezu kwalendawo, sifisa ukusondela esihlokweni, engicabanga ukuthi siyisihloko esiqhamileyo sanamuhla, sokuthi . . . *UYini UMoya ONgcwele Na?* UYini na? Futhi, manje, isizathu esenze ngithathe lesisihloko esihambisana kanje,

ungeke uze futhi wamukele uMoya oNgcwele ngaphandle uma wazi ukuthi Uyini. Futhi ungeke waWemukela, uma uwazi ukuthi Uyini, ngaphandle uma ukholwa ukuthi Uphiwe wena, futhi Ungowakho. Futhi, bese, ungeke wazi noma unaWo, noma qha, ngaphandle uma wazi ukuthi miphumela mini Oyilethayo. Ngakho uma uwazile ukuthi Uyini, nokuthi Uya kubani, nokuthi senzo sini Osilethayo uma Ufika, khona-ke uyokwazi ukuthi unani uma uWuthola. Niyabona na? Lokho nje kuyoqeda konke.

23 Njengoba kade ngikhuluma noMfowethu Jeffries wethu namhlanje, futhi uthe, "Ngithanda ukuba semhlanganweni namuhla ebusuku, kodwa ngizobakhona kusasa ebusuku." Ubengazi ukuthi umhlangano ubuyilokhu uqhubeka, ngoba asiwumemezelanga; khona lapha nje. Abanye ba... OMfowethu Leo babhalele abanye babangane bethu babatshela, abangaphandle kwedolobha. Yebo, ngoba besingenalo ikamelo.

24 Manje ngithe, "Mfowethu Jeffries, ukuba ubungithumele ezansi ukuyovula elinye lemithombo yakho ka oyela, futhi ngibe ngikade ngingazi lutho ngawo, mhlawumbe bengiyowuqhumisa. Ngingahle ngiphendule isihluthulelo okungesiso kumbe ngidumise injini okungesiyo. Bekuyofanele ngazi ukuthi kwenziwa kanjani ngaphambi kokuba ngikwenze."

Futhi kungaleyondlela nasekwamukeleni uMoya oNgcwele. Ufanele wazi ukuthi uzele ukuzokwenzani, nokuthi Wamukelwa kanjani, nokuthi Uyini.

Manje, indawo yokuqala, uMoya oNgcwele wethenjisiwe.

25 Singathatha amaviki ayishumi futhi singalokothi...sigida emphethweni walesisihloko nje, ukuthi uMoya oNgcwele uyini. Kodwa, into yokuqala, ngifuna ukusondela kuso ngokwanele ukuba nginikeze izihloko ubusuku ngabunye, bese ngibona ngobusuku obulandelayo uma kunemibuzo.

26 Bangaki phakathi lapha abangakawemukeli uMoya oNgcwele, babhaphathizwa ngoMoya oNgcwele na? Phakamisani izandla zenu; enaziyo ukuthi anikaze. Akenibheke nje izandla.

Manje ngifuna ukukhuluma ngaWo, njengoMoya oNgcwele eyisibonakaliso, ngoba Uyisibonakaliso. Siyakuqonda lokho, ukuthi zonke izethembiso zinikwe thina ngo...UAbrahama wayenguyise wesethembiso, ngoba uNkulunkulu wanikeza uAbrahama isethembiso naseNzalweni yakhe emva kwakhe. Isethembiso sanikelwa "ku Abrahama naseNzalweni yakhe." Nalesisibonakaliso ngesabantu besivumelwano.

27 Manje, kukhona omkhulu umehluko phakathi komKristu nje nomKristu ogcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Futhi manje sizokuthola lokhu emBhalweni, bese sikubeka emBhalweni ngqo. Indawo yokuqala, kukhona umKristu ozisho ukuthi ungumKristu. Kodwa uma lomKristu engakagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, usesemgudwini nje wokuba abe

ngumKristu. Niyabona na? Uzisho ukuthi uyaWukholwa; usebenzela kuWo, kodwa uNkulunkulu akakamuphi loMoya, kaMoya oNgcwele. Akakafinyeleli kulowomgomo noNkulunkulu, uNkulunkulu awazisileyo.

28 Ngoba, ukuthi, uNkulunkulu wenza isivumelwano no Abrahama, emva kokuba Esembizile uAbrahama, okungumfanekiso wokubiza ikholwa namuhla.

Wabiza u Abrahama, no Abrahama wabe eseyasuka waphuma ezweni lakubo waya ezweni lezizwe, ukuyokwakha phakathi kwabantu bezizwe, futhi lokho kwakungumfanekiso lapho uNkulunkulu ebiza khona umuntu ukuba ayeke ukuncishana, aphenduke esonweni sakhe. Uyaphenduka bese esuka esixukwini akade ekuso, ukuba ahlale esixukwini esisha, phakathi kwezinhlobo ezintsha zabantu.

Kwase kuthi-ke emva kokuba uNkulunkulu esemtholile u Abrahama ukuba athembeke esethembisweni uNkulunkulu amnika sona, ukuthi wayezothola umntwana, futhi ngalomntwana wonke umhlaba uyobusiswa, uNkulunkulu-ke wase eqinisa ukukholwa kwakhe ngokumnikeza isibonakaliso, naleso sibonakaliso saba ngukusoka. Futhi ukusoka kungumfanekiso kaMoya oNgcwele.

29 Wona nje amavesi alandelayo alesisahluko esisanda kuwafunda, uma ufuna ukukuloba phansi. Ne. . . UStefanu wathi, evesini lama 51:

> *Nina-bontamo-zilukhuni . . . ngasokile enhliziyweni nasezindlebeni, nimelana njalo noMoya oNgcwele: njengoyihlo, ninjalo nani.*

30 Ukusoka kungumfanekiso kaMoya oNgcwele. Futhi uNkulunkulu wanikeza uAbrahama i—isibonakaliso sokusoka emva kokuba esemukele uNkulunkulu esethembisweni saKhe wase ephuma eya ezweni lezizwe. Niyabona na? Kwakuyisibonakaliso.

Futhi bonke abantwana bakhe, nenzalo yakhe emva kwakhe, babefanele ukuba nalesisibonakaliso enyameni yabo, ngoba kwakungukwahlukanisa. Kwakungukubehlukanisa kubo bonke abanye abantu, lesisibonakaliso sokusoka.

31 Futhi yilokho uNkulunkulu akusebenzisayo namuhla. Yisibonakaliso sokusoka kwenhliziyo, uMoya oNgcwele, owenza iBandla likaNkulunkulu libe yiBandla elehlukanisiwe kuzo zonke ezinye izivumokholo, izinkolo namahlelo. Bakuzo zonke izinhlobo zamahlelo, kepha nokho bangabantu abahlukanisiwe. Ake ungivumele ngikhulume nomuntu imizuzu emibili, ngingakutshela noma usewemukele uMoya oNgcwele noma qha; kanjalo nawe. Uyabehlukanisa. Uluphawu. Uyisibonakaliso. Futhi uMoya oNgcwele uyisibonakaliso. Futhi u . . .

Noma yimuphi umntwana owayenqaba ukusoka eTestamenteni eliDala, okwakuyisithunzi esibikezela uMoya oNgcwele, wayenqunywa akhishwe phakathi kwabantu. Wayengenakuhlanganyela nebandla lonke, uma enqabile ukuba asokwe.

Manje fanekisa lokho nanamhlanje. Umuntu oyokwenqaba ukwemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, angebe nakuhlanganyela phakathi kwalabo abanoMoya oNgcwele. Ungeke nje ukwenze. Ufanele ube yimvelo. Njengoba nje, kuyi . . .

32 Umama lapho wayevamise ukuthi, "Izinyoni zophaphe ziba mhlambi ndawonye." Kuhle, kuyisaga esidala, kodwa singesiqinisileyo. Awuwaboni amajuba namagwababa ehlanganyela. Ukudla kwawo kwemihla yonke kwehlukile. Imikhuba yawo yehlukile. Izifiso zawo zehlukile.

Futhi kungaleyondlela ezweni nakumKristu uma usu*sokiwe* ngoMoya oNgcwele, okuchaza, "ukunquma inyama."

33 Ukusoka kwakuba kowesilisa kuphela. Kodwa uma owesifazane wayegane indoda, wayeyingxenye yayo, wayesokwe nayo. Niyakhumbula, kuThimothewu, lapho Okwasho khona phakhathi lapho, "Kepha uyakusindiswa ngokuzala abantwana, uma ehlala ekukholweni nasebungcweleni kanye nokuqonda konke."

34 Manje, ukusoka. Niyazi uma i . . . USara wahleka ethendeni elisemva kwakhe, emlayezweni weNgelosi, lapho Ithe, "Abrahama," ingazi ukuthi wayengubani, umfokazi, "uphi umkakho, uSara na?" Yayazi kanjani ukuthi wabe enomfazi na?

35 Njengalokhu uJesu athi, "Njengoba kwakunjalo ezinsukwini zikaLote, kuyoba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Khumbulani, lezozibonakaliso zazinganikezelwanga ezansi eSodoma neGomora, ezweni, phakathi kwabezinkolo. Kodwa kwakukwabaKhethiweyo, ababizelwe ngaphandle. Futhi uAbrahama wabizelwa ngaphandle. Futhi igama *ibandla* lichaza "ababizelwe ngaphandle; abehlukanisiwe," njengo Abrahama wazahlukanisa futhi wabe ekade esokiwe.

Kwase kuthi-ke lapho uSara ehleka wona impela umlayezo weNgelosi, uNkulunkulu wayezombulala khona lapho; kodwa Wayengenakumhlupha uSara ngaphandle kokuhlupha u Abrahama, ngoba babemunye. Wayeyingxenye yakhe. "Anisebabili, kodwa nimunye."

36 Ngakho, ukusoka, uMoya oNgcwele namuhla usoka inhliziyo. Futhi kuyisibonakaliso, isibonakaliso esinikeziweyo.

Omunye wathi ngelinye ilanga . . . Ngiyakuphinda nje lokhu, akunjengalo ihlaya. Ngoba, liqiniso, kodwa kuzwakala njengehlaya. Njengoba kukaningi ngisho, akusiyona indawo yamahlaya lena. Kodwa kwakukhona iJalimane elincane le

eWest Coast, lapho esasikhona nje. Lemukela uMoya oNgcwele. Futhi lehla ngomgwaqo, futhi lalithi ukuhamba ibangana, futhi liphakamise izandla zalo bese likhuluma ngezilimi. Futhi ligijime, ligxume, limemeze. Futhi lalisemsebenzini, liqhubeka kanjalo, nobasi walo wathi kulo, "Kade ukuphi na?" Ngi— ngiyazithanda lezozindawo kade ukuphi. Wathi, "Cishe kade usezansi phakathi kwalesosixuku samanadi."

Lathi, "Ngakho ucabanga ukuthi bangamanadi na?"

Wathi, "Impela, bayiwo."

37 Lathi, "Kuhle, ayibongwe iNkosi ngamanadi!" Futhi lathi, "Uyazi ukuthini? Amanadi enza umsebenzi omkhulu." Lathi, "Njengokuthi nje, imoto, ukhipha onke amanadi kuyo, usala ungabinalutho kepha isixheke se 'nto engenamsebenzi'" Ngakho kuthi akubenjalo.

38 Wehluka kakhulu uma uMoya oNgcwele ufika phezu kwakho, umqondo walelizwe uze ungabe usakuthanda, futhi baphambene nawe, futhi abafuni lutho ngawe, nhlobo. Uzalwa kwelinye iZwe. Ungumfokazi impela, ngokuphindwe kashumi kunokuba ube ngumfokazi nje, uma ubungaqhubekela phambili kakhulu waze wayojikijeleka ezifundeni zasemenweni yase Afrika. Wehlukile uma uMoya oNgcwele ufika, futhi Uyisibonakaliso. Uluphawu phakathi kwabantu.

39 Manje, wena uthi, "Ngakho, Mfowethu Branham, lesosibonakaliso sokusoka sanikwa uAbrahama na?" Yiqiniso lelo. "NaseNzalweni yakhe na?" Yebo.

40 Kulungile, manje sizophendukela kwabaseGalathiya, isahluko 3, ivesi 29, bese sibona ukuthi lokho kungasebenza kanjani kithina. KwabaseGalathiya 3:29, bese sibona nje ukuthi lokhu ukusoka kungasebenza kanjani koweZizwe, uma singabeZizwe; okungukuthi, ngokuzalwa kwemvelo siyibo.

Manje, kuqala, ngifuna ukufunda ivesi 16.

> *Manje-ke* isethembiso *zanikwa uAbrahama nenzalo yakhe*. (UAbrahama nenzalo yakhe!) Akashongo *ukuthi, Ezinzalweni,* . . .

Noma yiyiphi nje inhlobo yo. . . uthi, "O, ngiyizinzalo zika Abrahama, futhi." Qhabo. E "Nzalweni," INzalo kaAbrahama!

> . . . Akusikho *ezinzalweni, kungathi ngeziningi; kepha kungathi ngeyodwa, ukuthi, Nase—se* ba . . . *Nasenzalweni yakho, enguKristu.*

41 UKristu wayeyiNzalo ka Abrahama. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla, "Ameni."—Umhl.] Kulungile, manje asithole ivesi 28 no 29.

> *Akakho umJuda nomGreki, akakho oboshiweyo* kumbe *nokhululekileyo, akakho owesilisa* kumbe

*nowesifazane: ngokuba* thina *nonke nimunye kuKristu Jesu.*

*Kepha uma ningabakaKristu, seniyinzalo ka Abrahama, niyizindlalifa ngokwesethembiso.*

Siyithatha kanjani i "Nzalo ka Abrahama na"? Ngokuba kuKristu, khona-ke siyiNzalo ka Abrahama. Futhi kwakuyini iNzalo ka Abrahama na? Njengoba, singaqhubekela kwabaseRoma 4 nezindawo ezehlukene.

U Abrahama akazange asemukele isethembiso ngenkathi esasokwa. Ukukhombisa ukuthi ukusoka kwakungumfanekiso nje, wemukela isethembiso *ngaphambi* kokuba asokwe. Futhi kwakungumfanekiso, wokuvunywa kokukholwa kwakhe ayenakho engakasokwa.

42 Manje, uma sikuKristu, siba yiNzalo ka Abrahama futhi siyizindlalifa kanye noKristu, ngakho-ke, akunandaba ukuthi singobani, iJuda kumbe oweZizwe.

Futhi, "iNzalo ka Abrahama," iNzalo ka Abrahama inokholo luka Abrahama, ethatha uNkulunkulu eZwini laKhe. Akukhathaleki ukuthi Libukeka lihlekisa kangakanani, ukuthi uziphatha ngokungavamile kanjani, ukuthi Likwenza ube ngongajwayelekile kanjani, wena thatha uNkulunkulu eZwini laKhe unganaki noma yini.

43 U Abrahama enamashumi ayisikhombisa-nanhlanu eminyaka ubudala, noSara enamashumi ayisithupha-nanhlanu, wathatha uNkulunkulu eZwini laKhe, futhi wabiza noma yini ephambene naLo ngokungathi yayingaphambene. Ucabanga ukuthi odokotela bacabangani, bangalolo suku na? Ucabanga ukuthi abantu bacabangani, lapho bebone ikhehla, elinamashumi ayisikhombisa-nanhlanu eminyaka ubudala, lihamba lizungeza lidumisa uNkulunkulu, lali "zoba nomntwana" ngomkalo, futhi yena enamashumi ayisithupha-nanhlanu eminyaka ubudala, cishe sekwedlule iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu esayeka ukuya enyangeni na? Kodwa, niyabo, kukwenza uziphathe ngokuhlekisayo, ukholo luka Abrahama.

44 Futhi nxa usokwe nguMoya oNgcwele, Wenza into efanayo kuwe. Ukwenza wenze izinto owawungacabangi ukuthi uyoke uzenze. Ukwenza uthathe isethembiso sikaNkulunkulu futhi ukholwe uNkulunkulu.

45 Manje, Uyilokhu futhi, ngaphandle kwe—kwesethembiso nesibonakaliso, Uluphawu futhi. Manje uma nizohambisana nami siye kwabaseRoma. Kuqala, ngifuna nihambisane nami siye kwabase Efesu 4:30, futhi ake sifunde lapha umzuzu nje. Kwabase Efesu 4:30 kusho lokhu.

Manje, nibezwile abantu abaningi kakhulu bethi izinto eziningi ziyizimpawu. "Uma uya ebandleni, unophawu

lwebandla." Futhi abanye abantu bathi, "Kungukugcina usuku oluthize, usuku lwesabatha, lokho u—lokho uphawu lukaNkulunkulu." Abanye babo bathi, "Uma sifaka ubulunga bethu ehlelweni elithize, sibekwe uphawu eMbusweni kaNkulunkulu."

46 Manje, iBhayibheli lathi, "Onke amazwi abantu mawabe amanga, akaNkulunkulu abe liQiniso." Manje, kwabase Efesu 4:30 kufundeka kanje:

> *Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, enabekwa uphawu ngaye kuze kube-lusuku lokuhlengwa.*

47 Ngizothi ukuqiniqinisa kulokhu manje, ngikubeke phansi. Manje, nina bazalwane bomthetho ake nithi ukuthula kancanyana nje. Niyabona na? Niqaphelile ukuthi lolophawu luhlala isikhathi eside kangakanani na? Hhayi kuze kube yimvuselelo elandelayo, kuze kube yisikhathi esilandelayo uma kukhona okungahambi kahle. "Kuze kube-lusuku lokuhlengwa kwenu," uhlala ubekwe uphawu kuze kube yilesosikhathi eside kangako-ke. "Kuze kube-lusuku loku hlengwa kwenu," uma uhlengiwe phezulu ukuba ube noNkulunkulu, ukubeka uphawu isikhathi eside kangako-ke uMoya oNgcwele. Hhayi ukusuka emvuselelweni kuya emvuselelweni; kodwa ukusuka ePhakadeni kuya ePhakadeni, ubekwe uphawu ngoMoya oNgcwele.

Uyilokho-ke uMoya oNgcwele, Uluphawu lukaNkulunkulu, ukuthi Uthole. . .wathola umusa emehlweni aKhe, futhi Uyanithanda, futhi Uyanikholwa, futhi Ubeke uphawu lwaKhe phezu kwenu. Luyini uphawu, noma ubani na? Ngani, *uphawu* lukhomba kumbe luchaza u "msebenzi osuqediwe." Ameni. UNkulunkulu unisindisile, waningcwelisa, wanihlanzisisa, waba nomusa kini, futhi wanibeka uphawu. Useqedile. Ningumkhiqizo waKhe kuze kube-lusuku lokuhlengwa kwenu. *Okunamathiselwe ngophawu* kuyinto esuke "isiqediwe."

Uyini uMoya oNgcwele na? Uyisibonakaliso. Sizongena kulokho kamuva nje, komunye uMlayezo, isibonakaliso akhuluma ngaso uPawulu. Izilimi zaziyisibonakaliso emakholweni. . .kumbe kwabangakholwayo.

48 Manje qaphelani, kodwa, kulokhu, uMoya oNgcwele uyisibonakaliso. Ngiqonde. . .Futhi uMoya oNgcwele uluphawu. Uyisibonakaliso uNkulunkulu asinikeza abantwana baKhe abakhethiweyo. UkuWenqaba, kungukunqunywa kubantu; futhi ukuWemukela, kungukuqedwa nezwe nazo zonke izinto zezwe, nokuba ngumkhiqizo uNkulunkulu awunamathelise ngophawu lwemvume kulo.

49 Ngake ngasebenza emzileni wesitimela phandle lapha noHarry Waterberry, futhi sasiyaye sehle siyolayisha imoto. Umfowethu, uDoc, emi emuva lapho, welekelela ukulayisha izimoto. Uma imoto ilayishwa, bayayihlola leyomoto,

umhloli, futhi uma ethola noma yini exegayo, lapho engahle iwe khona yephuke, kumbe noma yini engabhubhisa; akazukuyinamathelisa ngophawu leyomoto ize iboshwe ngokuphelele nya leyomoto, ize iboshwe phansi igcinwe kahle hle, kuze kuthi ukunyakaza kokuhamba kungawukhathazi umkhiqizo ongaphakathi.

50 Yileyo indaba asinamatheliswa ngophawu kakhulu kangako; sixega kakhulu ngezinto. Uma uMhloli ehlola, ukuhlola impilo yakho, ukuba abone ukuthi awuxegiswa yini izinto kancane nje, uxege kancane ngokuphila kwakho ngomkhuleko, ukuxega okuncane ngakulokho kucasuka, ukuxega okuncane ngalololimu, ukukhuluma ngabanye, Akasoze ayinamathelisa ngophawu imoto. Imikhuba ethize engcolile, izinto ezithile ezimbi, umqondo othize onenhlamba, Angeke ayinamathelise ngophawu imoto.

Kodwa nxa Esethole yonke into isendaweni yayo, uMhloli, ube Eseyinamathelisa ngophawu-ke. Akekho ongalakotha avule lolophawu leyomoto ize ifike lapho iya khona lapho ephawulelwe khona! Nanso. "Ungabathinti abagcotshiweyo baMi; ungabalimazi abaprofethi baMi. Ngokuba Ngithi kuwe, kungcono kuwe ukuba itshe lokusila ligaxwe entanyeni yakho, uzikiswe ekujuleni kolwandle, kunokuba uke uzame ukukhuba noma unyakazise kancane abancinyane balaba ababekwe uphawu." Niyabona ukuthi kuchaza ukuthini na?

51 Uyilokho-ke uMoya oNgcwele. Uyisiqiniseko sakho. Uyisivikelo sakho. Ungufakazi wakho. Uluphawu lwakho. Uyisibonakaliso sakho, sokuthi, "Ngiqonde eZulwini. Angikhathali ukuthi udeveli uthini! Ngiqonde eZulwini. Ngani na? Wangibeka uphawu. Wangipha Wona. Wangibeka uphawu eMbusweni waKhe, futhi ngiqonde eNkazimulweni! Imimoya mayivunguze, uSatane makenze afuna ukukwenza. UNkulunkulu usengibeke uphawu kuze kube-lusuku lokuhlengwa kwami." Ameni! Uyilokho-ke uMoya oNgcwele. O, ungaWufuna. Ngeke ngaqhubeka ngaphandle kwaWo. Kuningi kakhulu okungashiwo lapho, kodwa ngineqiniso niyazi ukuthi ngikhuluma ngani.

52 Manje, futhi, asivule kuJohane 14, umzuzu nje. Ngiyalithanda bo iZwi! LiyiQiniso.

53 Manje, uMoya kaNkulunkulu, uMoya oNgcwele, uyini uMoya oNgcwele na? UnguMoya kaKristu kuwe. Manje, singakafundi, ngizothanda ukusho nje amazwi ambalwa okuphawula lapha. Uyini uMoya oNgcwele na? Uluphawu. Uyini uMoya oNgcwele na? Uyisivumelwane. Uyini uMoya oNgcwele na? Uyisibonakaliso. Uyini-ke uMoya oNgcwele na? Uyi. . . uMoya kaJesu Kristu kini. Niyabona na? "Kuseyisikhashana," kwasho uJesu, "izwe lingasaNgiboni; kepha niyoNgibona nina,

ngokuba Ngiyokuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." UMoya kaNkulunkulu eBandleni laKhe!

54 Ungowokwenzani na? Wawusebenzisela ukwenzani na? Lokhu ngokuncane esihlokweni sakusasa ebusuku. Kodwa Wawusebenzisela ukwenzani na? Kwaba yingani Yena, uMoya oNgcwele yingani . . . Ini, Wafikela ukuzokwenzani na? Wangenela ukuzokwenzani kuwe, Wangenela ukuzokwenzani kimi na? Kwakungukuba kuqhutshwe imisebenzi kaNkulunkulu.

55 "Ngenza njalo okuthandeka kuBaba waMi. Angizele ukuzokwenza intando okungeyaMi, kepha uBaba oNgithumileyo. Futhi uBaba oNgithumileyo unaMi; futhi njengoba uBaba waMi eNgithumile, nami Ngiyanithuma." O, he! [UMfowethu Branham ushaya izandla zakhe kanyekanye kabili—Umhl.] UYise waMthuma, wangena kuYe. UBaba owathuma uJesu wangena kuYe, wasebenza kuYe.

UJesu okuthumayo, uhamba nawe futhi ukuwe. Futhi uma lowoMoya, uhlala kuJesu Kristu, waMenza wenza futhi waziphatha ngendlela Ayenza ngayo, nawe uyoba nomqondo ovamileyo ukuthi Uyokwenzenjani uma Usukuwe, ngoba lokho kuPhila kungeguquke. Uyosuka emzimbeni uye emzimbeni, kodwa Ungeyiguqule imvelo yaYo, ngoba UnguNkulunkulu.

56 Manje kuJohane 14, ake sithi nje ukufunda kancanyana, siqale evesini 10.

> *A . . . kholwa ukuthi ngikuBaba, noBaba ukimi na?* imisebenzi . . . *amazwi engiwakhuluma mina kini angiwakhulumi ngokwami: kepha uBaba ohlezi kimi, wenza imisebenzi.* (Cabanga ngalokho manje.)
>
> *Kholwani yimi ukuthi ngikuBaba, noBaba ukimi: uma kungenjalo kholwani yimi ngalemisebenzi.*
>
> *Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kini, Okholwa yimi, imisebenzi engiyenzayo mina . . . naye; nemikhulu imisebenzi kunale uyakuyenza; ngoba mina ngiya kuBaba.*

Aniboni na? Niyabona ukuthi Washo kanjani lapho na? Manje qaphelani lokhu, ukuthi lokhu kuphuma kanjani. Ngizofunda ngithi ukuqhubeka kancane. Sizofunda sehlele cishe evesini 20. "Noma yini eniyakukucela e . . . " Ake sibone, bengine . . . Yebo. Ehhe. Kulungile.

> *Noma yini eniyakukucela egameni lami, ngiyakukwenza, ukuba uBaba akhazimuliswe eNdodaneni.*
>
> *Uma nicela utho kimi egameni lami, ngolwenza.*
>
> *Uma ningithanda, gcinani imiyalo yami.*

*Ngiyakucela kuBaba,* (manje qaphelani) *aniphe omunye uMduduzi, wokuba ahlale kini phakade;*

*Ngisho uMoya weqiniso; izwe elingemamukele, ngokuba lingamboni, lingamazi: kodwa nina niyamazi yena; ngokuba uhlala nani, uyakuba-kini.*

57 Ungubani-ke lowoMoya na? Uyini uMoya oNgcwele na? NguKristu ekini. UMduduzi, lowo nguMoya oNgcwele. "Futhi nxa esefikile uMduduzi, uyokwenza izinto ezifanayo neNgizenzile ngenkathi uMduduzi esekiMi. Ngiyakucela kuBaba, futhi Uyakunipha loMduduzi. Niyamazi uMduduzi. Izwe aliMazi, alisoze. Kodwa nina niyaMazi ngokuba Uhlala manje nani," kukhuluma uJesu, "kepha Uyakuba kini." Nakho lapho ukhona, lowo nguMduduzi, "yakuba kini."

*Angiyikunishiya niyizintandane: ngobuya ngize kini.*

"Angiyiku. . . " Manje, lowo nguMduduzi, uKristu. Uyilokho-ke uMoya oNgcwele, unguKristu.

*Kuseyisikhashana, izwe lingasangiboni; kepha niyangibona nina: ngokuba ngiphila mina, nani ni. . . phila.*

58 O, singalokhu siqhubeke njalo njalo; kodwa, ukunazisa. Uyini na? Uluphawu. Uyisibonakaliso. UnguMduduzi. Niyakubona konke Ayikho na? Inzalo ka Abrahama idla ifa laWo.

59 Manje futhi asithole ukuthi i. . .yini okunye uMduduzi ayikho. Asiye kuJohane wokuQala 16:7, sibone ukuthi Akasuye yini uMmeli, futhi. Niyazi ukuthi yini ummeli, ukwenza ummeli. SinoMmeli. Siyakwazi lokho. UJohane wokuQala isahluko 16. . .O, ake nime kancane, ngiyaxolisa. UJohane oNgcwele, kuku, 16:7 Ngiyaxolisa. Ngiyaxolisa impela ukuthi ngisho lokho. Ngikufunde ngephutha lokho kwelami. . .ngino 16:7.

*Kodwa mina nginitshela iqiniso; Kunilungele ukuba ngimuke: ngokuba uma ngingamuki, uMduduzi kayikuza kini; kepha uma ngimuka, ngiyakumthumela kini.*

*Lapho esefikile yena, uyakuqondisa izwe ngesono, nangokulunga, nangokwahlulela:*

*Ngesono, ngokuba bengakholwa yimi;*

*Ngokulunga, ngokuba ngiya kuBaba, ningabe nisangibona;*

*Ngokwahlulela, ngokuba umbusi walelizwe wahlulelwe.*

60 He! Manje, uMmeli, utholakala ku—kuJohane wokuQala 2:12. Manje ake sikufunde lokho, umzuzu nje. UJohane wokuQala 2:12. Ngiyaxolisa, uJohane wokuQala. . .1 no 2,

kukuye. Nginakho lokhu kulotshwe phansi, uJohane wokuQala 2:1 kuya ku 2.

> *Bantwanyana bami, nginilobela lokhu, ukuba ningoni. Kepha uma umuntu ona, sinommeli kuYise, uJesu Kristu olungileyo:*

Ubani uMmeli na? UJesu Kristu olungileyo.

> *Yena uyi—uyinhlawulo ngezono zethu: kungengezethu zodwa, kodwa nangezezwe lonke.*

61 Uyini uMoya oNgcwele na? UnguMmeli. Wenzani o . . . Yini Omelayo na? Wenzani na? Wenza ummeli. Unomusa. Wona, Uma endaweni yakho. Wona, Wenza izinto ongeke wazenza wena. Wona, Uyi—Uyinhlawulo yezono zakho. Ungukulunga kwakho. Ungukuphulukiswa kwakho. UngukuPhila kwakho. Ungukuvuka kwakho. Uyikho konke uNkulunkulu anakho ngawe. UnguMmeli.

62 Lokho singakubeka ngononina sikuhlakaze, ukuthi kubanjani nxa U—Uyasinxusela ekungazini kwethu. Ngezinye izikhathi uma u . . . sinoMoya oNgcwele, ngokungazi sibhadazelela entweni ethize. UMoya oNgcwele ulapho ukuba asimele. UnguMmeleli wethu. Umele owethu . . . UnguMmeli wethu. Uma lapho asinxusele. Asizinxuseli, ngoba uMoya oNgcwele phakathi kithi uyasinxusela. UMoya oNgcwele uphumisela, ngezinye izikhathi ngamazwi ongeke wawaqonda, futhi Uyasinxusela. Uyilokho-ke uMoya oNgcwele.

63 Nxa ngihamba ngingene kunoma yini, ngi—ngihamba njengomntwana omncane; uhamba njengomfo omncane. Thina, sihamba ezweni elimnyama eligcwele izitha, eligcwele isono, eligcwele onoxhaka, eligcwele konke.

Wena uthi, "O, ngiyesaba. Ngiyesaba ukuthatha impilo yokuba ngumKristu. Mina, ngiyesaba ukwenza *lokhu*. Ngiyesaba ukuthi ngizokwenza *lokhu*."

Ungesabi. SinoMmeli. Ameni. O, Umi ngakithi. Ukithi, futhi Uyasinxusela. UMoya oNgcwele, ngezikhathi zonke, ngezikhathi zonke usimela, ngesikhathi sonke. UnguMmeleli wethu. O, siyambonga kakhulu uNkulunkulu ngalokho!

64 Uphawu, isibonakaliso, uMoya wokuPhila, uNkulunkulu waseZulwini, uMduduzi, ukuPhila, uMmeli. Uyini! O, he! Singalokhu siqhubeke njalo nakho amahora.

65 Manje sizoke sithi ukushintsha umzuzu nje. Manje sizocela manje . . .

Esethenjiswa ezinsukwini zokugcina! LoMmeli, uphawu, isethembiso, konke esikukhulumile ngaYe namuhla ebusuku, ngokungaphezulu ngokuphindwe kashumi lezinkulungwane, Wenziwa isethembiso kithi osukwini lokugcina.

BabengenaWo ngalolosuku. Babenophawu nje enyameni yabo, njengophawu nesibonakaliso, bekholwa ukuthi Wawuza, futhi bahamba ngesithunzi somthetho. Okungukuthi, basokwa ngenyama.

66 Namhlanje asihambi ngesithunzi somthetho. Sihamba ngamandla okuvuka. Sihamba ngamandla kaMoya, Oluphawu lwethu lweqiniso, uMmeli wethu weqiniso, uMduduzi wethu weqiniso, isibonakaliso sethu seqiniso ukuthi sizalwePhezulu; abakhethiweyo, abantu abayinqaba, beziphatha inqaba, bethatha uNkulunkulu eZwini laKhe, bethi konke okunye kuliphutha. IZwi likaNkulunkulu liqinisile. Lokho yi . . . O, he! Uyilokho-ke uMoya oNgcwele.

67 NiyaWufuna na? Ningethande ukuba naWo na [Ibandla lithi, "Ameni."—Umhl.] Ake sibone ukuthi Wethenjiswa na?

Manje asibuyele emuva ku Isaya, iNcwadi ka Isaya. Asithole isahluko 28 sika Isaya. Manje siya ku Isaya 28, futhi sizoqala cishe nge . . . Asithathe ivesi 8, sibone ukuthi u Isaya wathini, amakhulu ayisikhombisa neshumi nambili leminyaka ngaphambi kokuba Ufike.

68 Besingasho okuningi ngalokhu, sibuyele emuva, emuva le, kodwa sizoqala khona khona lapha nje bese sibona uma Wethenjiswa eBandleni. Yiluphi usuku Owawufanele ukufika ngalo na? Phezu kwezinsuku zokugcina, lapho kuyobakhona u—ukonakala. Manje khumbulani, igama lisebuningini, "izinsuku," izinsuku ezimbili zokugcina, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili zokugcina.

Manje, manje ivesi 8.

> Konke, *onke amatafula agcwele u . . . kungcola, kungabe kusabakho-ndawo ehlanzekile.*

69 Hlola macala onke namuhla uzokuthola. Qalaza ubone uma sikulolosuku. "Onke amatafula!" Ngani, baya eSidlweni seNkosi, futhi into yokuqala, ngasemgqeni wezinto ezibonakalayo, bathathe ucezu oludala lwesinkwa esilula kumbe ikhekhe likasoda elihashukile, baliqhephule bese benza isidlo. Kanti, lokho kufanele ukwenziwa ngezandla zikaMoya oNgcwele, nesinkwa esingenamvubelo. UKristu akangcolile futhi akenyanyeki, futhi lokho kumele Yena.

70 Enye into, bakunika abantu abaphuzayo, abaqamba amanga, abebayo, ababhemayo, abampolombayo, (wewu!) noma yini nje, inqobo nje uma bengabebandla. Akube kude nalokho! Uma umuntu eke akuthathe uma sidla lokhu lapha, uziphefumulela aziphuzele icala, engawehlukanisi uMzimba weNkosi. Uma engayiphili impilo, suka kuso.

Futhi uma ungasithathi, kukhombisa ukuthi unembeza wakho unecala. "Ongasidli, akanasabelo naMi," kwasho uJesu.

71 Kodwa onke amatafula eNkosi asegcwale ukungcola. Akukho neyodwa indawo ehlanzekileyo. Lalelani, ukuthi lokho akufanekisi yini inamuhla!

> *Ngubani a . . . ubani ayakumfundisa ukwazi? aqondisebani imfundiso na? . . .*

> . . . ubani oyoqonda *ukwazi na? . . .* ubani *ongaqonda imfundiso na? . . .*

"Kuhle, akabongwe uNkulunkulu, ngiyiPresbyterian. NgiyiMethodisti. NgiyiPentekoste. NginguMnazaretha. NgingowoHambo oluNgcwele." Lokho akuthi shu kuNkulunkulu; ngelinye nje itafula.

> . . . ngiyoyazisa bani *imfundiso na? . . .*

72 Nhloboni yemfundiso; iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iPentekoste na? IMfundiso yeBhayibheli!

> . . . ngiyoyazisa bani *imfundiso na? . . .*

73 Wazi kanjani uma usuWutholile na? Sizongena kulokho ngolwesiHlanu ebusuku. Niyabona na?

> . . . ngiyoyazisa bani *imfundiso na?* (manje qaphelani) *yibo abalunyuliweyo obisini, basuswa emabeleni.*

74 Izinganyana zithi, "Kuhle, ngiyasonta, umama wami wayesonta kulelisonto." Angiphambene nalokho, mfowethu othandekayo. Futhi ngiyaqonda ukuthi lokhu kuyaqoshwa. Lokho kulungile, khonza esontweni likamama. Kodwa, lalelani, umama wahamba ekukhanyeni okukodwa, nina nihamba kokunye.

75 ULuther wahamba ekukhanyeni okukodwa; uWesley wahamba kokunye. UWesley wahamba ekukhanyeni okukodwa; iPentekoste yahamba kokunye. Kodwa sihamba kokungaphezu kwalokho namuhla. Futhi uma kukhona esinye isizukulwane, kuyohamba le phambili kwethu.

76 Emva ezinsukwini zakuqala, ngenkathi into isebanzi, ibanzi kakhulu, uLuther wafundisa ukulungisiswa ngokukholwa. Lokho nje kwakungukuletha abantu baphume ebuKatolikeni bangene ebuProtestaneni, ekuhlanganyeleni eZwini. Ukulungisiswa ngokukholwa, leso kwakuyisikhundla esikhulu esibanzi. Abazange baze bagudluke kulokho.

77 Kwaphinde kwafika enye imvuselelo ebizwa ngoJohn Wesley. Yabawohloza kulokho, yalehlisela ekungcwelisweni, shiya . . . elungile, ehlanzekile, impilo engcwele, yangcweliswa ngeZwi likaNkulunkulu, ikunikeze intokozo enhliziyweni yakho. Lokho kwavuthuza inqwaba yemfundiso yamaLuthela.

78 Kwase kufika iPentekoste nombhaphathizo kaMoya oNgcwele, kwehla ngokuncipha futhi, ngokwamukela uMoya oNgcwele. Kunjalo.

Futhi manje sekuqale ukuwohloka. Futhi iziphiwo, nokubuyisela, noMoya kaNkulunkulu usungenile, ekugcwaleni kwezibonakaliso nezimangaliso, eBandleni, futhi uwohloze iPentekoste. Kuyini na? Sisondele kakhulu ekuBuyeni kweNkosi uJesu, kuze kuthi wona lowoMoya owawukuYe usebenza eBandleni, wenza zona izinto ezifanayo nalezo Azenzayo ngenkathi Eselapha emhlabeni. Akukaze kube noma yikuphi, emuva kusukela esikhathini sabapostoli kuze kube yilesisikhathi.

Ngani na? Niyabo, kubanzi; kunciphe, kunciphe, kunciphe. Kuyini na? Kunjengesandla sakho nje sifika esithunzini; isithunzi, isithunzi, isithunzi. Kodwa kuyini na? Ngukudonsa ukukhanya. Wayeyini uLuther na? Ukudonsa ukukhanya kukaKristu. Wayeyini uWesley na? Ukudonsa ukukhanya kukaKristu.

79 Bukani, unyaka ka Billy Sunday usuphelile nje. Ngelinye ilanga, omdala u Dr. Whitney, uke wafundisa khona lapha kulelipulpiti, esokugcina sesikole esidala, wafa, lapha emashumini ayisishiyagalolunye, ngiqagele. UBilly Sunday wayengumvuseleli emabandleni ngegama nje osukwini lwakhe. Wayengancengi; wayema phezulu lapho ampompoloze, “Nonke nina maMethodisti nishiye umgudu okuyiwona wona, bashumayeli nabo bonke! Nonke nina maBaptisti nishiye umgudu okuyiwona wona! Nina maPresbyterian!” Wayengencengi. Wayengu Billy Graham walolusuku.

80 Qaphelani. Futhi-ke, ngesikhathi esifanayo ibandla ngegama nje babenemvuselelo yabo, kwenzekani? IFull Gospel yayinemvuselelo. Nakho kuvela abafowethu bakaBosworth, uSmith Wigglesworth, no Dr. Price, uAimee McPherson, bonke labo.

Bukani, uSmith Wigglesworth wafa ngobusuku obubodwa. UDr. Price wafa ngokusa okulandelayo. Phakathi kwamahora angamashumi amabili-nane ngase ngisensimini.

81 Manje ukuphela kwami kuyehla. Bukani, futhi anizwa kangako ngoBilly Graham, anizwa kangako ngo Oral Roberts. Ngibona imihlangano yami ifiphala. Yini indaba na? Sisekugcineni, omunye unyaka.

82 Wangena kanjani uBilly Sunday, nabanye na? Bangena nje emva kwemvuselelo enkulu kaMoody. Wangena nini uMoody na? Emva nje kwemvuselelo kaKnox. Wangena nini uKnox na? Emva nje kwemvuselelo kaFinney. UFinney emva kukaCalvin, uCalvin emva . . . Ngakho, uWesley, noWesley emva kukaLuther. Kwehle njalo kuye onyakeni okufika ngawo. Kuthi nje imvuselelo eyodwa ingaphela, uNkulunkulu uvusa omunye aphonse ukuKhanya okungaphezulu; kulokhu kuqhubeka kanjalo nje.

83 Manje sesisekugcineni kwalesisikhathi. Umuntu ngamunye ubebuka kulokho kuphela komgamanxo wakhe ekuBuyeni

kukaKristu, kodwa babenokuningi okokuba bakwethembe; ukubuya kwamaJuda, amasoso andizayo ezibhakabhakeni, zonke izinto esizibonayo namhlanje. Kodwa sesisekugcineni. Silapha manje. Babazi ukuthi iBandla lalizomukela aMandla ayezosebenza eBandleni imisebenzi efanayo kaKristu, ngoba njengoba isithunzi siya ngokujula ngokujula, futhi sidonsa ukukhanya kakhulu.

84 Thatha ithunzi. Kude ngokuqhela ethunzini, ukudonsa ukukhanya okuncane okuthola ethunzini. Emva kwesikhashana, ithunzi liya ngokusondesondela, kuze kuthi ithunzi nesihlahla kube yinto efanayo.

85 Manje, uMoya kaNkulunkulu usebenze phansi kokulungisiswa, phansi kukaLuther; ukungcweliswa, phansi kukaWesley; umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, phansi kwePentekoste; futhi Nangu lapha osukwini lokugcina, wenza futhi wenza zona izinto ezifanayo Owazenzayo ngenkathi UsekuKristu. Kuyini na? IBandla noKristu sebeMunye.

Futhi kuthi nje bangaxhumana ndawonye, lesosihlanganiso sokugcina, Liyohamba lidabule esibhakabhakeni, limemeza. Phezulu kuyofika uWesley, uLuther, futhi bonke emuva ngalezozinsuku lapho, "owokuqala uyoba ngowokugcina, owokugcina uyoba ngowokuqala," futhi lapho kuyofika uvuko.

86 Sisesikhathini sokugcina. Lalelani, wenzenjalo-ke uMoya oNgcwele. UMoya oNgcwele, ngokulungisiswa, niyabo, isithunzi esilula saWo nje; uMoya oNgcwele, ngokungcweliswa, isithunzi esincane saWo esithe ukujula; uMoya oNgcwele, ngombhaphathizo waWo, isithunzi esithe ukujula; manje uMoya oNgcwele, ngokubuyiselwa koMuntu waWo impela ephakathi lapha, enza izibonakaliso nezimangaliso njengoba Enza ekuqaleni. Wewu! Udumo! Bazongibiza "ngomginqiki ongcwele," noma kanjani, ungahle ukuba nawe usuqalile manje.

87 Lalelani, bazalwane, lalelani lokhu.

> . . .*onke amatafula agcwele ubuhlanzo*. . .*akukho* ndawo engangcolile.

> *Ngubani ayakumfundisa ukwazi?*. . .*ubani* ayakumazisa, *aqonde imfundiso na? yibo abalunyuliweyo obisini, basuswa emabeleni.*

Akusizo izingane ezincane; izingane eziyiPresbyterian, izingane eziyiMethodisti, izingane eziyiPentekoste, izingane eziyiLuthela, izingane ezingamaNazaretha. Ufuna umuntu ovumayo ukusuka emabeleni bese edla ukudla okuqinileyo. Nakhu kufika:

> *Ngokuba ku yisiyalezelo phezu kwesiyalezelo,*. . . *phezu kwesiyalezelo; umudwa phezu komudwa,*. . . *phezu komudwa; lapha ingcosana, nalapho ingcosana:*

*Yebo, ngezindebe ezingingizayo* nangezinye izilimi ngi*yakukhuluma kulababantu.*

*Akade esho kubo ukuthi, Lokhu kungukuphumula phumuzani abayethileyo; lokhu kungukuhlunyelelwa: kepha abathandanga ukuzwa.*

88 UMoya oNgcwele, uma lokho kungengayo indlela impela Ofika ngayo ngoSuku lwePentekoste, kwaprofethwa eminyakeni engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili ngaphambi kokuba Ufike! NaNku ulapha ngoSuku lwePentekoste, ufika kanjalo impela.

89 Omunye wathi, "Ukugcina usuku lwesabatha." Angichithi kumbe ngilulaze ibandla likanoma ngubani kumbe inkolo. Kodwa wathi, "Usuku lwesabatha, isabatha likaNkulunkulu, lwaluwusuku lokuphumula."

*Nantu* usuku lokuphumula. [UMfowethu Branham ucosha iBhayibheli lakhe.] "Lokhu ukuphumula," Wathi, "phumuzani abayethileyo." Yikho lokhu. Ameni! "Kuyoba ngumthetho phezu komthetho, umudwa phezu komudwa." Nakhu ukuphumula. Uyini uMoya oNgcwele na? Ukuphumula. O!

*Zanini kimi, nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo, mina ngizakuniphumuza.*

90 Uyini na? LoWo ongena kuwe, akunike ukuthula; isibonakaliso sakho, uMduduzi wakho; okududuzile, ekuphumuleni, ubekwe uphawu.

91 Unjani na? Yisibonakaliso; izwe liyazi ukuthi kukhona okwenzeke kuwe. Uyini na? UnguMduduzi. Uyini na? Uphawu. Usekuphumuleni. Une. . . UnguMmeli wakho. Uma, wena, kukhona okwenzeka kuwe, kukhona Okuthize lapho ukuba kukumele masinyane nje, niyabona, enxusa. NguMoya kaNkulunkulu ehlala eBandleni, waprofetha khona impela Oyoba yikho nxa Ufika. Kuyoba ngokwanininini, ukuphumula kwaPhakade.

92 UNkulunkulu wenza izwe. AmaHeberu, isahluko 4. "UNkulunkulu wenza izwe, wase ephumula ngosuku lwesikhombisa." Kunjalo.

Usuku lwesishiyagalombili lwajika lwabuya, ngaphansi. . . Unikeza lokho amaJuda kube yisivumelwane, ngesikhathi esithize. Kunjalo. Kodwa bahamba bayophumula usuku olulodwa; babuyele emuva, usuku lokuqala lweviki, babuye baqale futhi, kabusha, baqale futhi. Lokho akusikho ukuphumula uNkulunkulu akhuluma ngakho.

Ngenkathi uNkulunkulu esenze izwe ngezinsuku eziyisithupha, ngenkathi Eyophumula, Waphumula kusukela lapho. Kunjalo. Lokho kuqeda konke. Akabange esabuya ngosuku lwesishiyagalombili aqale futhi.

93 Kwakuyisithunzi kuphela. Manje, lokho kwakungumfanekiso, njengenyanga elangeni; kodwa uma ilanga likhuphuka, asisayidingi inyanga. Manje qaphelani lokhu, o, eZambulweni 11, "Owesifazane nenyanga phansi kwezinyawo zakhe, nelanga ekhanda lakhe." O, singavula lonke iBhayibheli, kusuka esidikiselweni kuye esidikiselweni, futhi nginikhombise. Niyabona na?

94 Kodwa kuyini na? Kanti, iBhayibheli lasho kumaHeberu isahluko 4, "Uma uJesu wayebaphumuzile, Wayeyokhuluma emva kwalokhu; Wayeyokhuluma ngosuku lokuphumula." Yiluphi usuku Ayekhuluma ngalo, ukuphumula na?

> *Zanini kimi, nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo, mina ngizakuniphumuza.*

95 UMathewu isahluko 11, ivesi 22 . . . Bukani, manje-ke, lokho sikuthola uma siza kuYe, "Ngokuba yena," kwasho amaHeberu 4, "ukuthi usengene ekuphumuleni kukaJesu, usephumulile emisebenzini yakhe yezwe, njengoNkulunkulu kweyaKhe," ngenkathi Enza izwe, ukuba angaphinde abuyele kuwo futhi. Kuze kube nini na? [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.] Kuze kube nini ubekwe uphawu ngoMoya oNgcwele na? "Kuze kube lusuku lokuhlengwa kwenu." Nakho lokho kuphumula, induduzo, uMmeli, uphawu, uMkhululi. O! [UMfowethu Branham ushaya izandla zakhe kanyekanye kanye.] Ngijabula ngokweqile, kumbe ngibusiseke kakhulu. O!

96 "Ngabe Wethenjiswe thina, Mfowethu Branham na? Ngabe kufakazelwe yiBhayibheli na?"

Kulungile, asiye kuJoweli, sithole ukuthi uJoweli wathini ngaWo.

Ngilibonga kakhulu iZwi likaNkulunkulu elibusisiweyo! NiyaLithanda na? [Ibandla lithi, "Ameni."—Umhl.] Ngicabanga ukuthi ukuba kwakungenganxa yeZwi, angazi ukuthi besiyoma kuphi. Kulungile.

SikuJoweli manje. Siya kuJoweli, isahluko 2 sikaJoweli, futhi sizoqala evesini 28, uJoweli 2:28, amakhulu ayisishiyagalombili eminyaka uKristu engakafiki, umprofethi eseMoyeni. Manje lalelani.

> *Kuyakuthi ngasemuva, ngithulule umoya wami phezu kwayo yonke inyama;. . . amadodana enu namadodakazi enu ayakuprofetha, abadala benu baphuphe amaphupho,* futhi *izinsizwa zenu zibone imibono:*
>
> *Naphezu kwezinceku zami naphezu kwezincekukazi zami* ngiyakuthulula ngalezizinsuku . . . *thulula,* ngalezozinsuku, *umoya wami.*

> *Ngiyakuveza izimangaliso emazulwini* phezulu *nasemhlabeni, igazi,* . . . *mlilo, nezinsika zomusi.*
>
> *Ilanga liyakuphenduka ubumnyama, nenyanga ibe yigazi, lungakafiki usuku olukhulu no* . . . *sabekayo lweNKOSI.*
>
> *Kuyakuthi, bonke ababiza igama leNKOSI bakhululwe:*

97 Lokho yi . . . O! Ini na? Joweli! Niqaphelile na? EZenzweni 2, uPetro wacaphuna ivesi elifanayo. Wathi, "Madoda akwaIsrayeli, zwanini amazwi ami. Laba kabadakiwe," laba ngabantu ababekwe uphawu, abaduduziwe, abazuziweyo, abaphawuliwe. "Kabadakiwe, njengokucabanga kwenu," iZenzo 2, "lokhu kuseyihora lesithathu lemini. Kodwa lokhu kuyikho okwakhulunywa ngoJoweli umprofethi, ethi, 'Kuyakuthi ezinsukwini zokuphela ukuthi ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama.'"

98 Uyini na, uyini uMoya oNgcwele na? Kulungile, manje asiqaphele futhi, uthenjiswe abakholwayo, Uyilokho-ke. Manje, loMoya oNgcwele, siyathola ukuthi Uyini, umzuzu nje. Uthenjiswe bani na? Kwabakholwayo.

Manje asiye kuLuka, 24 isahluko sikaLuka, lalelani ukuthi uJesu wathini emaZwini aKhe okugcina Engakawushiyi lomhlaba. ULuka isahluko 24. Futhi kinina enikuloba phansi lokhu manje, ningakuphawula phansi, bese nikufundisisa kusasa uma seninesikhathi esiningi. Manje, uLuka 24:49, lalelani uJesu ekhuluma. Ekugcineni, ngenkathi Esenyukela eNkazimulweni, ukwenyuka, nanka amaZwi Awashoyo kubafundi baKhe.

> . . . *bhekani, ngiyathumela isethembiso sikaBaba* . . .

Sethembiso sini? Uphawu, isibonakaliso, uMduduzi, nazozonke lezizinto engikhulume ngazo, eziphindaphindwe kazinkulungwane.

> . . . *ngiyathumela kini isethembiso sikaBaba:* . . .

Sethembiso sini na? "Lowo uIsaya athi uyofika, 'Ngezindebe ezingingizayo nangezinye izilimi ngiyakukhuluma kulabababantu.' Ngiyothumela lokho kuphumula phezu kwenu. Ngiyothumela lokho uJoweli akhuluma ngakho, ukuthi, 'Kuyakuthi ezinsukwini zokuphela, kusho uNkulunkulu, Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwenu.' O, Ngiyowuthumela kini, futhi ngenze izizwe zonke, bonke abantu, kuqale eJerusalema . . . Ngiyongenisa inzalo kaAbrahama phansi kwalesisivumelwano. Ngiyobaphawula bonke. Niyabona, Ngiyothulula uMoya waMi."

> . . . *Ngiyathumela kini isethembiso sikaBaba: kepha hlalani,* kuchaza ukuthi, lindani *emzini eJerusalema, nize nembathiswe amandla avela phezulu.*

99 Uyini-ke uMoya oNgcwele na? "AMandla avela Phezulu!" akusiwo amandla avela kumbhishobhi, akusiwo amandla avela esontweni. Kodwa, "aMandla avela Phezulu!"

100 Afika kaNjani lawoMandla na? Ngoku "joyina isonto na"? Nginicela inselelo ukuba nenze, nisho ukuthi lokho kuliqiniso. Ngoku "joyina isonto, ukuxhawulana nomshumayeli na"? Qhabo, mnumzane. Manje, kinina maKatolika, "nikhipha ulimi lwenu nithathe isidlo sokuqala na"? Qhabo, mnumzane.

101 Afika kanjani, aMandla avela Phezulu na? Ake sithi ukufunda siqhubeke kancane. Asiye eZenzweni 1:8. Bahlangana ndawonye manje. Manje babekhuluma ngoJesu lapha, ngenkathi behlangene ndawonye, futhi base begcobe omunye ukuba athathe indawo kaJuda. IZenzo 1:8.

> *Kodwa nizakwamukeliswa amandla, uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu:*. . .

Ini? "Uba lilunga leTabernakele likaBranham na"? Qhabo. "Uba lilunga lebandla leMethodisti, ibandla eliKatolika, iPresbyterian na"? Akunjalo, eBhayibhelini. Leyo yimfundiso eyenziwe ngumuntu.

"Kodwa uzakwamukeliswa aMandla emva kokuba usungumshumayeli na"? Qhabo, mnumzane. "Uzakwamukeliswa aMandla emva kokuthola iziqu ze Bachelor of Arts na"? Qhabo, mnumzane. "Niyokwe-. . .fika aMandla usuthole i DD yakho na"? Qhabo, mnumzane. "Nizakwemukela aMandla emva kokuba senibhaphathizwe emanzini na"? Qhabo, mnumzane. "Nizakwamukeliswa aMandla emva kokuba senithathe isidlo sokuqala na"? Qhabo, mnumzane. Niyabona, konke lokho kuyinto eyenziwe ngumuntu.

102 Lalelani ukuthi iBhayibheli lathini, ukuthi uJesu wathini.

> . . .*nizakwamukeliswa amandla, uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu:* (uyini uMoya oNgcwele na? aMandla) bese, emva kwalokhu, ni*zakuba ngofakazi*. . . ("Nina abalishumi nambili, nifakaze eJerusalema na"?). . .*nibe-ngofakazi bami eJerusalema,*. . . *Judiya,*. . .*Samariya*, kuze *kube* sekugcineni *komhlaba*. (Okungakaze kufikwe kukho namanje.)

> *Kwathi eseshilo lokhu,*. . .*eseshilo lokhu, wakhushulwa bembuka, ifu la*. . .*susa emehlweni abo*.

103 Manje phendukela ekhasini elingaphesheya, qaphelani lezi iziprofetho zifezeka.

> *Kwathi sekufike usuku lwePentekoste, babe* kokukodwa. . .*bonke babebuthene ndawonye*.

"Khonamanjalo umfundisi wangena wase. . ."? ngiphumile emgqeni lapho, angiphumanga na? "Khonamanjalo umpristi waya e altare na"? Qhabo.

*Ngokungazelelwe kwavela inhlokomo . . .*

Akusikho nje ukuzenzisa; Wawulapho, inhlokomo.

"Umfundisi wayesondela emnyango na"? "Umpristi wayenesidlo, ephuma endaweni engcwele na"? Qhabo, ayikho into enjalo.

> . . .*kwavela ezulwini inhlokomo* . . . (Kungesikho ukukhwashaza kwezinyawo) . . .*kwavela ezulwini inhlokomo kwangathi* . . .*eyokuvunguza komoya onamandla,* (o, he! Woshi! . . .? . . .) . . .*yona yagcwalisa indlu yonke ababehlezi kuyo.*

104 Uyini uMoya oNgcwele na? Nakhu lapho bethola khona aMandla. Nakhu lapha befanele ukulinda khona; nakhu okwenzekayo ngenkathi belinda. Bonke baprofetha, kusukela kuGenesisi kuqhubeke kwenyuke ngqo, kusukela ku Abrahama kudabule njalo; Uyofika, nokuthi Uyofika kanjani, nemiphumela iyofika. Uyini na? Wethenjiswa eBandleni, kwabakholwayo.

> . . .*yagcwalisa indlu yonke ababehlezi kuyo* . . .
>
> *Kwase kubonakala kubo izilimi ezahlukeneyo kunga* . . .*ezomlilo, zahlala phezu kwalowo nalowo kubo.*
>
> *Base begcwala bonke uMoya oNgcwele, baqala ukukhuluma ngezinye izilimi, njengalokho uMoya wabapha ukuphumisela.*

Manje sizongena kulokho, ngolwesiHlanu ebusuku. Sizokushiya lokho khona lapho, niyabo.

105 Unjani na? Uyisethembiso eBandleni, isethembiso uqobo. Kulungile.

106 Manje, manje sizothola, emva kokuba sebegcwalisiwe, babekwa uphawu kuze kube nini na? [Ibandla lithi, "Kuze kube-lusuku lokuhlengwa."—Umhl.]

Bangaki phakathi lapha abanoMoya oNgcwele na? Ake sibone izandla zenu. Baningi abanoMoya oNgcwele kunalabo abangenawo. Sifuna nibe ngabanye bethu, mfowethu, dadewethu. Uma uqonda ukuthi Uyini, Ungu . . . UnguMoya kaNkulunkulu ohlezi kuwe, ukwenza imisebenzi kaNkulunkulu.

Uma uNkulunkulu eke wathumela noma yimuphi woMoya waKhe kunoma yiyiphi yezinceku zaKhe, noma yimuphi wabaprofethi baKhe, noma yimuphi wabafundisi baKhe, noma yimuphi wabapostoli baKhe, babehlala njalo baliwa yizwe. Babethathwa ngokuthi bayahlanya, kuyoyonke iminyaka eyayikhona. Ngisho nalapho uPawulu ema phambi kukaAgripha, wathi, "Ngendlela ethiwa yedukile . . ." Yini *ukweduka* na? "Ukuhlanya." "Ngendlela abathi ukuhlanya,

isixheke samanadi, yileyondlela engimkhonza ngayo uNkulunkulu wawoBaba." [UMfowethu Branham ushaya izandla zakhe kanyekanye kanye—Umhl.] Ngijabula kakhulu ukusho ukuthi ngingomunye wabo. Yebo, mnumzane. Kunjalo. Ngijabula kakhulu ukusho ukuthi ngingomunye wabo.

107 Manje, emva kokuba loMoya oNgcwele sewehlele phezu kwabo, Wabenza baba yizithandwa kakhulu yaze yathi yonke into yaba sekuhlanganyeleni. Ngabe kunjalo na? Wo, wo, inhlanganyelo enhle kanje! Siyalicula leloculo kwesinye isikhathi, "O, inhlanganyelo enhle kanje! O, Injabulo kaNkulunkulu!" Yilokho. Babengakhathali, babengakhathali noma ngabe i—ilanga lalikhanya noma lalingakhanyi. Abazange bacele ukunethezeka.

"Manje, ngizokwamukela uMoya oNgcwele," kusho abanye abantu kimi, "Mnu. Branham, uma uzongiqinisekisa ukuthi ngizoba ngusozigidi, uma uzongiqinisekisa ukuthi ngizothola imithombo ka oyela, futhi uma ngizothola imayini yegolide, futhi ngi—ngi . . ." Niyabo, abantu bafundisa lokho, futhi bafundisa amanga. UNkulunkulu akazethembisanga lezozinto.

108 Umuntu oke amukele uMoya oNgcwele akakhathali noma ngabe uhamba ecela isinkwa, noma qha. Akwenzi nayimuphi umehluko kuye. Uyisidalwa esiqonde eZulwini. Aka . . . Akukho okumbophele lapha, nhlobo. Kunjalo. Akakhathali. Okufikayo, okuhambayo, noma kungaba yini. Abagxeke, bahlekise. Lahla udumo lwakho, ukhathalele ini na? Usendleleni yakho eqonde eNkazimulweni! Haleluya! Amehlo akho abheke uKristu, futhi usendleleni yakho. Awukhathali ukuthi izwe lithini.

Uyilokho-ke uMoya oNgcwele. UngaMandla, Uluphawu, UnguMduduzi, UnguMmeli, Uyisibonakaliso. O, he! Uyisiqiniseko ukuthi uNkulunkulu ukwamukele.

Sengithathe isikhathi esingakanani na? Ngineminye imizuzu eyisishiyagalombili ngaphezulu. Kulungile. Ake ngi . . . Nginenqwaba yemiBhalo lapha. Angiboni ukuthi ngingayifaka, kodwa sizo—sizozama ngakho konke.

109 Manje, emva kokuba umuntu esegcwaliswe ngoMoya oNgcwele, ngabe kungenzeka ukuthi ukuzingelwa nezinto kuyomenza ukuba abuyele emuva bese . . . Manje, akazukwehluleka, useyiyo indodana kaNkulunkulu, uyohlala njalo eyiyo, ngoba ubekwe uphawu kuze kube nini na? [Ibandla lithi, "Kuze kube-lusuku lokuhlengwa."—Umhl.] Kunjalo. Yilokho iBhayibheli elakushoyo.

110 Manje, emva kokuba abafundi kade beshaywa, babekade bebabhinqa, behlekisa ngabo, nakho konke, bacabanga ukuthi kuyisikhathi sokubuyela emuva ndawonye isikhashana. Asiphenye ngale e—eZenzweni isahluko 4, futhi sibone uma be . . . kwenzekani. Manje lokhu kuqondene nani bantu esenivele ninaWo. IZenzo isahluko 4.

Manje, uPetro noJohane babekade beshaywa, bafakwa etilongweni, ngenxa yokuphulukisa, benenkonzo yokuphulukisa ngaphandle esangweni lendlu yokukhonzela. Bangaki abakwaziyo lokho na? Kwakukhona indoda eyayilele lapho, engathi yayiyisishosha ezinyaweni zayo. Yayingakwazi ukuhamba; kwase kuyiminyaka engamashumi amane injalo. NoPetro wedlula. Futhi wathi . . . yakhangeza ngenkomishi yayo, ukuba ithole okuthize ukuba ikufake enkomishini yayo, ukuba ithole ukudla.

NoPetro wakhombisa ukuthi wayengumshumayeli ogcwaliswe ngoMoya oNgcwele, wayengenamali. Wathi—wathi, "Isiliva negolide anginalo." Niyabona, wayengakhathalele lokho. Kodwa wayeyi—yisidalwa esiqonde eZulwini. O, ngifisa sengathi besinesikhathi ukubeka lokho isikhashana lapho, niyabo. Wayeqonde eZulwini. Waduduzeka. WayenoMoya. WayenaMandla. Wathi ukuhamba wayesethi, "Isiliva negolide anginalo, kodwa enginakho ngizokupha khona."

Akungabazeki indoda yathi, "Unani, mnumzane na?"

"Nginokukholwa. Nginento ethize enhliziyweni yami eqale cishe ezinsukwini ezilishumi ezedlule. Ngangisekamelweni eliphezulu lapho, futhi khonamanjalo, zonke izethembiso uNkulunkulu ayezenzile . . . Ngihambile noJesu Kristu iminyaka emithathu nengxenye. Ngadoba naYe, le sidonsa izinhlanzi. Ngenze lezizinto ezahlukene. Futhi ngiMbonile ephulukisa abagulayo. Ngi . . . Wayelokhu engitshela, 'UBaba ukiMi; kodwa uma Ngihamba, Uyongena kini.' Ngakho, angikuqondanga lokho. Kodwa Wathi, 'Manje, wena angikubhekile ukuba ukuqonde.'"

Aniziqondi lezizinto; uyazithola nje. Angikakuqondi. Futhi ungangitsheli ukuthi uyakuqonda; ngoba, awukuqondi. Niyabona na? Ngakho, ngingeWuqonde, ngingeWuchaze; kodwa, engikwaziyo kuphela, nginaWo.

"Kuhle, kuhle," uthi, "lokho akusikho okobusayense." O, impela kuyikho.

111 Bukani lokho kukhanya. Ngenkathi uBenjamin Franklin ekubamba, wathi, "Ngikutholile." Wayengazi ukuthi wabe enani, kodwa wayenakho. Futhi ngifuna umuntu ozongitshela namuhla ebusuku ukuthi ugesi uyini. Abazi namanje ukuthi kuyini, kodwa sinakho. Ameni. Kunjalo. Akukho muntu owaziyo ukuthi ugesi uyini. Bangawusebenzisa, bawenze ukhanyise, bawenze uvuthe, bawenze usebenze. Kodwa we—wenziwa yimishini yokwenza ugesi, izinqamu ezimbili ezigijima kanyekanye *kanjalo*. Kuveza lokho, futhi yilokho kuphela abakwaziyo. Kuyoletha ukukhanya, futhi kunamandla phakathi kukho.

112 Futhi lokho kunjengoMoya kaNkulunkulu. Uma uthola isinqamu esisodwa, nguwe, nesinye isinqamu nguNkulunkulu;

bese uziphendula kanyekanye *kanjalo*, kuyokwenzela okuthize. Kunjalo. Kuyoletha ukuKhanya. Kuyoletha aMandla. Awazi ukuthi Uyini, futhi awusoze wazi ukuthi Uyini, kodwa uyazi uma usunaWo. Leyo yinto eqinisekile. Futhi Uqondene nawe. Ungowakho. Uyisiqiniseko. Kunjalo.

Kukhombisani *lokho* kukhanya na? Naso isiqiniseko. Ngukukhanya.

Manje qaphelani lokhu. Manje, anazi ukuthi Uyini.

113 Kodwa lababafo bathi, "Kuhle," bayo . . . basho into eyodwa abayaziyo, "siyazi ukuthi bayimifunda nje." Amanye futhi "amanadi," niyabo, njengeJalimane elincane lathi laliyiwo. Niyabona na? Bathi, "Bayimifunda nje abangafundile. Kodwa babekade benalowoMdobi, lowoMbazi ezansi ngaleya, obizwa ngoJesu, ngizonitshela, ngoba benza izinto ezifanayo Azenzayo."

114 Uyilokho-ke uMoya oNgcwele, nguJesu ehlala kumdobi oyimfunda nje, umbazi, nomayini, umshumayeli oyimfunda nje, nomangabe kuyini. Ngumuntu ofuna ukuba yimfunda nje ezintweni zezwe, futhi avumele uJesu angene kuye, uMoya kaNkulunkulu, uphawu, uMduduzi. Akakhathaleli udumo; kuphela into ayifunayo ngu Nkulunkulu.

115 Ngenkathi uNkulunkulu ehlela uhlelo, Wathi, "Nonke nina baLevi, Nginibizele ngaphandle nganenza abapristi. Nabo bonke abazalwane benu, omunye, izizwe ezilishumi nambili na . . . ezinye izizwe ezilishumi nanye ziyonikhokhela okweshumi."

"Uma, uthola izitsha eziyisishiyagalolunye zama apula, thulule amaLevi isitsha esisodwa. Uma umukisa izimvu zakho zidabule e—ehholo lapha, thatha imvu yeshumi. Angikhathali noma kungencane, kumbe enkulu, ekhuluphele, kumbe embi, leyo ingeyamaLevi.

"Manje, maLevi, uma nithola konke lokhu, khona-ke khiphani okweshumi, futhi, eNkosini. Nenze umnikelo wokuzuliswa, iminikelo yokuphakanyiswa, iminikelo eyehlukene. Nikhokhe okweshumi eNkosini."

116 Yathi, "Mose, ngokwesabelo sakho, Ngingowakho." O, he! Yathi, "Ngiyisabelo sakho esenelisayo."

Futhi uyilokho-ke uMoya oNgcwele eBandleni namuhla. Igolide nesiliva anginalo, kodwa ngineSabelo esenelisayo. Haleluya! Imfundo, angikwazi ukufunda leNcwadi, kodwa ngineSabelo esenelisayo. Kuhle. Iziqu zobudokotela, anginazo nhlobo; oPh.D kumbe oLD, kumbe lutho okunye. Kodwa kukodwa enginakho, iSabelo esenelisayo. Yilesosabelo engisifunayo. Yilesosabelo uNkulunkulu afuna ubenaso. Lahla zonke lezi ezinye izinto ezindala, lonke udumo nakho

konke okunye, uphumele ngaphandle bese uthola iSabelo sikaNkulunkulu esenelisayo.

117 Ngoba, onakho kwalomhlaba, uyokushiya lapha uma usumuka. Kodwa uma unalesoSabelo esenelisayo, Siyokuthatha sikukhuphule ngokuqinisekileyo impela. Sihlala njalo sithatha umshuwalense, namhlanje, ukuba sinikeze umngcwabi. Asithole iSabelo sikaNkulunkulu esenelisayo, bese sithola uMvusi esikhundleni somngcwabi. Niyazi, basebenza bobabili.

118 Manje asibone.

*. . . beyekiwe, baya kwabakubo, . . .*

Akusikho ukubuyela kubapristi. Niyabona, lokho kwakukhombisa ukuthi babenaWo. Babengezukubuyela kulokho okudala, okubandayo, into yokugcina umthetho wamehlo-nje futhi, qhabo; babuyele emuva bese bethi, "Manje buka lapha ukuthi basenzenjani!" Qhabo, qhabo. Babenabakubo. Babethi ababelidazini kuphela labo lapho, kodwa lelo kwakuyibandla elanele, abantu abayibinza eliyidlanzanyana.

*. . . beyekiwe, . . .*

Emva kokubashaya futhi babasongela, bathi, "Uma nike naphinda futhi nabhaphathiza eGameni likaJesu!" Kumbe, o, bengiqonde i . . . Kuhle, kunjalo. Niyabona na? "Uma nike naphinda nashumayela eGameni likaJesu futhi, noma ngabe yini eniyenzayo, sizonithola!"

119 Bathi, "Wewu, lokho ukusongela ngempela. Asiyeni ngale kwabanye abazalwane." O, yileyondlela. Ebunyeni kukhona amandla. Ebunyeni kukhona amandla. Bathi, "Ake siyeni ngale kwabanye abazalwane sibone ukuthi singenzenjani."

120 Manje bonke babuthana ndawonye futhi babexoxa ngezehlo ezahlukene.

*. . . Beyekiwe, baya kwabakubo, babika konke abapristi abakhulu namalunga abekushilo kubo.*

*Bona sebezwile, baphakamisa* amazwi *kuNkulunkulu nganhliziyonye, . . .*

Manje lalelani ukuthi bathini. Mqaphele, baqapheleni, akusikho ukubuyela emuva bathi, o, okunye ngokuthi, "O Nkosi, ngiyaxolisa kakhulu . . ." Qhabo. Base bevele besindisiwe. Babegcwaliswe ngoMoya. BabenokuPhila okuPhakade.

*. . . phakamisa izwi labo . . . nganhliziyonye, bathi, Nkosi, wena unguNkulunkulu, . . .*

Ameni! Ngiyakuthanda lokho impela, Mfowethu Palmer ngiyakuthanda lokho.

*. . . wena unguNkulunkulu* (siyakwazi lokho) *owenza* amazulu, *nomhlaba, nolwandle, nakhokonke okukukho:*

*O . . . sho ngomlomo wenceku yakho uDavide, . . .*

121 Manje qaphelani, uzobuye ubuye, uthi, "Manje, asisiyo i . . ." Manje uphumela lapho bese uthi, "Kuhle, manje, Nkosi, manje awume kancane lapha. Bangenza inhlekisa kakhulu kabi!" Akazange Asho yini ukuthi bayokwenza na?

"Bonke abathanda ukuhamba ngokumesaba uNkulunkulu kuKristu Jesu bayakuzingelwa."

"Kuhle, uyazi, ubasi wami wangitshela ukuthi uma ebambe . . ." Abashongo yini ukuthi bayokusho lokho na? "Kuhle, niyazi, bangidonsela enkantolo ngelinye ilanga, ngaWo."

122 Akashongo yini, "Niyakuyiswa phambi kwamakhosi nababusi, ngenxa yeGama laMi. Ningazindli ukuthi niyakuthini, ngoba akusini enikhulumayo"? Ngikubonile lokho kwenzeka izolo. "NguMoya oNgcwele ohlala kuwe; nguYe oyokhuluma." Niyabo, "Yena." Kunjalo. Kulungile. "Ningazindli ukuthi niyothini."

> Nkosi, ngo . . . *Owasho ngo*wakho . . . *mlomo wenceku yakho uDavide, Kungani ukuba abezizwe baxokozele, nabantu bacebe okuyize na?*
>
> *Amakhosi omhlaba avukela, nababusi . . . buthana ndawonye ngayo iNkosi, nangaye uKristu wayo.*
>
> *. . . ngempela, iNkosi, oHerode, noPontiyu Pilatu, kanye nabeZizwe, nabantu bakwaIsrayeli, . . . Buthana ngomntwana wakho ongcwele uJesu,*
>
> *Ukuzakukwenza lokho okumiswe ngaphambili yisandla necebo lakho ukuba kwenzeke.*

O, he! Ngiyakuthanda lokho. "Nkosi, benza khona impela Wena owathi bayokwenza." Litheni iBhayibheli na?

> Ngezikhathi zokugcina, kuyofika abahleki abahleka usulu, *abanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu;*
>
> *. . . abahlebi, abangazithibi, abangenabumnene, . . . abangathandi okuhle,*
>
> *Nabanesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha . . . bewaphika . . .*

Abazange benyukele phezulu lapho bemukela aMandla, "uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu."

> *Nabanesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika: labo-ke wobagwema.*

Uyilokho-ke uMoya oNgcwele. Niyabona na?

> *. . . okumiswe . . . ukuba kwenzeke.*
>
> *. . . kalokhu, Nkosi, bheka ukusongela kwabo: u— unike izinceku zakho, ukuba sikhulume izwi lakho ngaso sonke isibindi,*

O, ngiyakuthanda lokho! Khipha lelothambo lesifuba lenkukhu, bese ufaka umgogodla wangempela lapho. Manje qaphelani lapha.

> . . .*sikhulume* amazwi *lakho,*
>
> *Ngokwelula isandla sakho ukuphulukisa;*. . .

O, mfowethu! Amademoni awafi, kepha noMoya oNgcwele ngokunjalo. Niyabona na?

> . . .*kwelula isandla sakho ukuphulukisa;*. . . *kwenziwe izibonakaliso nezimangaliso ngegama lomntwana wakho ongcwele uJesu.*

Niyabona ukuthi baqophisana ngani, aniboni na? Benza into efanayo namuhla, kodwa akwenzi nolunci oluhle.

> *Kwathi sebekhulekile, kwanyakaziswa indawo lapho bebebuthene khona; bagcwaliswa bonke nguMoya oNgcwele, ba*. . .*khuluma izwi likaNkulunkulu ngesibindi.*

123 Wewu! He! Bathola okuthize lapho benyukela lapho, abakutholanga na? Isethembiso sathi uMoya oNgcwele uyilokho-ke, ukuninika isibindi, ukuninika umduduzi, ukunibeka uphawu, aninike isibonakaliso. O, he!

124 Lalelani. O, ngifisa sengathi nga besinesikhathi, besingehla noFiliphu eya kumaSamariya. EZenzweni 8:14; nonke nina enikubhala phansi. Babemukele ukuthokoza okukhulu, babekade benokuphulukisa okukhulu, kepha babebhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu. Kepha bathumela enhla eJerusalema, ukuyolanda uPetro; wehla wababeka izandla, base bemukela uMoya oNgcwele. IZenzo 8:14.

125 AbeZizwe, ukhona owayethiwa uKorneliyu. Wayeyindoda emangalisayo, wakhokha okweshumi, wakhela abantu amasinagoge, wamhlonipha uNkulunkulu, wamesaba uNkulunkulu; indoda elungileyo, iPresbyterian elungileyo, iMethodisti, iBaptisti, kumbe okunye, niyabona, umuntu olungileyo ngempela. Kepha ngelinye ilanga, uNkulunkulu wathi, "Ungumuntu olungileyo; ngakho nje ngizomthumela emhlanganweni. Kuzomele ngithole umshumayeli wami ngapha bese ngimtshela ngaWo." Kulungile.

Ngakho wabona umbono, wathi, "Yehlela eJopha, ezansi lapho uzothola othize othiwa nguSimoni, umshuki. Futhi ukhona othize, uSimoni Petro, phakathi lapho. Akenyukele lapha; uzokutshela indlela, ngoba wemukele okuthize."

126 Kwathi uPetro esami lapho. . .Futhi uKorneliyu wayezokhonza lowomshumayeli. Wayezomkhonza. Kepha uPetro wathi, "Sukuma. Ngingumuntu njengawe."

"Kwathi uPetro esakhuluma lamaZwi," okuthi babuyela kanjani emuva, ekuqaleni e. . .Yizinto ezifanayo engikhuluma

ngazo, ukuthi uNkulunkulu wethembisa kanjani ukuthulula uMoya oNgcwele. "Esakhuluma lamaZwi, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo." Wewu! Yebo. Uyilokho-ke uMoya oNgcwele, ukuthi Ungokabani. Impela. "Bonke bagcwala uMoya oNgcwele."

127 Manje qaphelani kwabase Efesu, kwakukhona umfowethu oyi Baptisti. Kuqala wayengummeli, ehlakaniphile, indoda ekhaliphile, eyayazi umthetho; indoda edumileyo, efunde kakhulu. Ngelinye ilanga wathola ukufunda iBhayibheli, futhi wabona ukuthi ukhona oyofika ogama lakhe linguMesiya. Futhi esekwenza lokho, ngani, waqala ukuzwa ngaloJesu, wayesethi, "Ngenelisekile. Futhi ngivuma ngokusobala ngokukholwa kwami ukuthi uJesu unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu." WayengumBaptisti wangempela. Nangu efika, "Ngivuma ngokusobala ukuthi uJesu unguKristu." Wakwenza kakhulu ngangokuthi uNkulunkulu waze wambizela enkonzweni yokuhambisa ivangeli. UNkulunkulu uyohlala njalo ekhuluma enhliziyweni yeqiniso.

128 Futhi kwakukhona umthungi omncane omdala wamathende ezansi lapho ogama linguAkwila noPrisila, indoda nomkayo. Babengabathungi bamathende. IZenzo isahluko 18, siyakutshela ngakho. UPawulu, babengabangane bakhe. Babemukele uMoya oNgcwele ngaphansi kwezandla zikaPawulu nokufundisa kwakhe.

Bezwa ukuthi kwakukhona imvuselelo laphaya, ngakho bawela. Babethi ababelishumi kumbe ishumi nambili kuphela ababeyethamele. Ngakho wawelela lapho ukuyoyibona, wase emuzwa lomshumayeli eshumayela, ubuqotho benhliziyo yakhe. Wathi, "Niyazi, ngikholwa ukuthi uzolilalela iQiniso."

Ngakho emva kokuphela kwenkonzo, wambizela ngale emva kwethende, wayesethi, "Buka, sinomfowethu omncane othi akabe mude kangaka, umJuda omncane onekhala eliyihhuku, futhi, kodwa esefika, uzokufundisa iZwi likaNkulunkulu, ngokusobala." Kuhle, emva kwesikhashana . . .

129 UPawulu wayesetilongweni ngesikhathi esifanayo. Okuyindawo embi kabi kumshumayeli oyisimanje, ingebe yimbi na? Kodwa wayesetilongweni, neNkosi yayimfake lapho. Ngakho emva kokuba sekufike ukuzamazama komhlaba, kwazamazamisa itilongo phansi, wathatha umgciniziboshwa nendlu yakhe wababhaphathiza bonke, eGameni leNkosi uJesu, wasuka wahamba, wawela.

Futhi wayesanda kukhipha idemoni kwencane, endala intombazane ezansi lapho ibhula. Futhi, kwaseke, babenza imali eningi ngayo, ngakho wavele wawudalula umsebenzi wabo wokwenza imali eningi, ngakho-ke bamfaka etilongweni ngenxa yalokho. NeNkosi yazamazamisa itilongo phansi, ngoba wayenesixuku sabantu laphaya ukuba bezwe iQiniso. Ungeke

ulibophe iZwi likaNkulunkulu. Kukhona i . . . Akunandaba ukuthini, ungeke. Impela ungeke ukwenze.

130 Ngakho wafika lapho lapho lendoda yabe ikhona. Futhi uAkwila noPrisila, mhlawumbe babenamasamishi. Futhi khona masinyane emva kokuba sekudliwe amasamishi, bathi, "Sizowela siye emvuselelweni."

UPawulu wahlala emuva lapho wabamba ingubo yakhe encane, wase elalela lomshumayeli ongumBaptisti eshumayela.

Wathi, "Kuhle, okushumayelayo, kodwa kukhona okuningi kwaKho." Wathi, "Ngifuna ukukubuza umbuzo, Dr. Apollos. Umamukele uMoya oNgcwele lokhu wakholwa na?"

"O," wathi, "besingazi ukuba ukhona. Uchaza ukuthini, ngo 'uMoya oNgcwele na'? Thina siyiBaptisti."

Wathi, "Wazi kanjani ukuthi ungumBaptisti na?" Niyabona na?

"Kuhle, sabhaphathizwa. Sazi kuphela umbhaphathizo kaJohane."

Wathi, "Wabhaphathizela kuphela ukuphenduka, ethi 'abakholwe nguYe ozayo,' kungukuthi kuJesu Kristu."

Futhi wathi ukukuzwa lokhu, baphinda babhaphathizwa, eGameni likaJesu Kristu. NoPawulu wabeka izandla zakhe phezu kwabo, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo, base bekhuluma ngezilimi baprofetha. Wathi, "noma ubani," manje.

131 Manje sikwenza kanjani na? Ngifuna ukunitshela okuthize, bese ngi . . . Sizovala, ngoba, sekuyikho, nginitshelile ukuthi ngizosheshe nginikhulule. Niyazi ukuthi uMoya oNgcwele uyini. OkomBhalo wokugcina kulobubusuku . . . Ngineminye eyinqwaba phansi lapha, kodwa sizokushiya lokho. Asiphenye kwabaseKorinte bokuQala 12. Khona-ke sizofunda lokhu, bese-ke si—sivala. Kulungile. KwabaseKorinte bokuQala, isahluko 12.

Bangaki abakukholwayo ukufundisa kukaPawulu oNgcwele na? [Ibandla lithi, "Ameni."—Umhl.] Impela! Wathi, kwabaseGalathiya 1:8, "Uma iNgelosi ifundise noma yini eyahlukile, ayibe ngeqalekisiweyo," kungasaphathi umshumayeli. "Uma iNgelosi evela eZulwini yehle yase ifundisa noma yini eyahlukile, mayibe ngeqalekisiweyo," Niyabona, ayihlangene nakho.

132 Manje qaphelani lokhu, abaseKorinte bokuQala 12. Ba—bangaki abaziyo ukuthi sifanele ukuba kuKristu ukuze siye ekuvukeni, ngoba nguMzimba waKhe uNkulunkulu athembisa ukuwuvusa na? [Ibandla lithi, "Ameni. "—Umhl.] Ayikho enye indlela. Ayikho nje enye indlela, uma ungaphandle kukaKristu.

Ungahle ubuke emuva *lapha* bese ukholwa nguYe, uthi, "Impela, ngiyaMkholwa. UyiNdodana kaNkulunkulu."

Kuhle, mfowethu, ngilungiselela ukukuxhawula uma usho lokho. "NgiyaMkholwa. NgizoMvuma njengoMsindisi wami." Lokho kuhle, kodwa awukabikho kuYe. "Ngizoxhawulana nomshumayeli. Ngizovuma izono zami." Nalokho akukabisikho ukuba kuYe.

133 Manje qaphelani, nibone ukuthi uPawulu wathini, ungena kanjani kuKristu. Uzokwaziwa kanjani njengokusoka? UAbrahama, banikeza isibonakaliso. Lalelani lokhu manje, abaseKorinte bokuQala, isahluko 12, futhi asiqale evesini 12.

> *Ngokuba njengomzimba umunye, kepha unezitho eziningi, nezitho zonke zomzimba, nokuba zizingi, zingumzimba munye: unjalo-ke noKristu.* (Akehlukene. "Munye!")

Lalelani. Ngokuba ngabandla linye na"? Bangaki abafunda emva kwami na? "Ngokuxhawulana kunye na"? "Ngamanzi manye na"? Qhabo. Ngakho-ke ukhona osephutheni.

"NgaMoya munye!" Ngabe yigama elibhalwe ngokukhulu na? Lowo ngu, "Moya oNgcwele," ke. Niyabona na?

> . . .*ngaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibe-mzimba munye, noma singamaJuda noma singabeZizwe, noma siyizigqila noma singabakhululekileyo; thina sonke saphuziswa Moya munye.*

134 UMzimba kaKristu unguMoya owodwa, lapho khona zonke izitho, kusukela ePentekoste kuze kube yilesisikhathi, ziphuza eWayinini elisha elifanayo, uMoya oNgcwele ofanayo, uveza imiphumela efanayo. Sikwenza kanjani na? "NgaMoya munye."

Ngumnyango ovulekile kaNkulunkulu, uMoya oNgcwele. Uyini na? Ungumnyango ovulekile kaNkulunkulu. Uyisibonakaliso. Uluphawu. UnguMduduzi. UnguMmeli. Uyisiqiniseko. Ungukuphumula. Ungukuthula. Ungukulunga. Ungukuphulukisa. UngukuPhila. U—Ungumnyango ovulekile kaNkulunkulu kuzozonke lezizinto. Ungumnyango ovulekile kaNkulunkulu oya kuKristu, one . . .

UNkulunkulu wakufakazisa ukuthi Wavusa uJesu kwabafileyo, nalabo abafele kuKristu uNkulunkulu uyobaletha kanye naYe ekuvukeni. "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele enibekwe uphawu ngaye kuKristu kuze kube-lusuku lokuhlengwa kwenu." Wewu! Bangaki abakukholwayo na? [Ibandla lithi, "Ameni."—Umhl.]

135 Uyini uKristu na? Uyini uMoya oNgcwele na? Awusiyo into abantu abayihlekayo. Uyinto abantu abayihlekayo; kodwa awunjalo, kwabakholwayo.

Kongakholwayo! Ngifisa sengathi benginamaviki amade amabili kumbe amathathu, ngithanda ukuthatha ubusuku bakusasa nginitshele ukuthi Uyini kongakholwayo. Ake ngithi

ukugijima ngedlule, umzuzwana wesikhathi. Uyinhlekisa. Ungunoxhaka. Uyisikhubekiso. Ungukufa. Ungukwehlukana noNkulunkulu ingunaPhakade. Angizicabangi nje izinto Ayizo kongakholwayo!

136 Khumbulani, imvula efanayo ongakholwayo ahlekisa ngayo, kwakuyimvula efanayo eyasindisa uNowa nomndeni wakhe. Niyabona na? UMoya ofanayo, uMoya oNgcwele abantu abahlekisa ngawo futhi abathi "uyahlanya, nesixheke samanadi, Ungubuhlanya," Uyinto efanayo eyoHlwitha iBandla futhi uLenyuse ezinsukwini zokugcina; uyoletha ukwahlulela phezu kongakholwayo. Kunjalo. Uyilokho-ke uMoya oNgcwele.

137 Babusisiwe aba . . . Mangisho lokhu, ngobuqotho benhliziyo yami. Babusisiwe abalamba baWomele, ngokuba bayakusuthiswa.

138 Kusasa ebusuku sizokhuluma ngokuthi kuba kanjani, ukuthi Wenzani uma Ufika.

139 Manje, bangaki phakathi lapha abathanda ukwemukela uMoya oNgcwele, futhi ufuna othize ukuba akukhulekele, ukuba ubone ukuKhanya na?

Niyazi ukuthi, "Uyini."

Manje, kusasa ebusuku, sizothatha ukuthi, "Wenzani."

140 Bese kuthi-ke ebusukwini obulandelayo, ngukuthi, "Wemukelwa kanjani." Sizobe-ke sesithi qu, bese siba nabantu lapha abayaliwe, bese niqonda emakamelweni nihlale lapho, uma kuthatha uKhisimusi wonke, kulungile, kuze kufike uMoya oNgcwele. Sizosondela kuWo ngokusile, isisekelo seBhayibheli. Sizosondela kuWo futhi siWuthole njengalokho nje uNkulunkulu aWethembisa, futhi Wehla ekuqaleni. Yingaleyondlela silapha ukuba sikwenze. Ngi . . . Akwenzi mehluko ukuthi noma yini ithini, si . . .

IZwi likaNkulunkulu li . . . lingelokuqala enhliziyweni yami. Kunjalo. Futhi ngifuna lokho uNkulunkulu angiphathele khona. Uma kusekhona omunye, vula iZulu, Nkosi, ngoba eyami—eyami inhliziyo ilivulekele. Kunjalo.

141 Bangaki abaWufunayo na? Manje phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngikhulekele." Manje, ngenkathi nisasele, niphakamise izandla zenu.

Baba oseZulwini, sesifundise isikhathi eside. Kodwa uMoya waKho ulapha. Kukhona izandla eseziphakeme manje. Futhi bayazi ukuthi Uyini, bayazi ukuthi uchaza ukuthini uMoya oNgcwele. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi ungakapheli lomhlangano, ukuthi zonke izandla eziphakathi lapha zizophakanyiswa ukuthi sebeWemukele. Siphe khona. Nkosi.

142 Siyabakhulekela. Sicela Wena ubabusise, nokuba ubaphe isifiso senhliziyo yabo. Buka izandla zabo, Nkosi.

BayaKuthanda. BayaWufuna. Bayazi ukuthi ngeke bahambe . . . Kusasa ebusuku, uma Uzongisiza, Nkosi, singakufakazisa emBhalweni ukuthi abasoze baHlwithwa ngaphandle kwaWo. Ngakho ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobapha ukulamba nokoma, ukuze basuthiswe. Ngibaletha kuWe manje, Baba. Futhi, Siphe lezizinto, njengalokhu sikucela eGameni likaJesu. Ameni.

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
> Ngoba Wangithanda
> Wang'thengel'insindiso
> Emthin'eKalvari.

143 Ngifuna ukusho lokhu singakaculi futhi. Ngifuna ukubonana nesigejana sabefundisi endlwaneni lapha, ngolwesiHlanu ebusuku, inkonzo ingakaqali, niyabo, ngolwesiHlanu ebusuku. Ngi . . .

Niyabona ukuthi ngizama ukwenzani na? Ukukhombisa ukuthi Uyini, ukuthi kusondelwa kanjani kuWo nokuthi kuhlonishwa ini; khona-ke awuzi ngokuphuphutheka, ushaya into ethize. Yingalesosizathu ngingazange ngikucele namuhla ebusuku. Ngifuna nazi ukuthi Uyini. Uyisethembiso. Uluphawu. UnguMduduzi. Ungokunjalo kanjalo.

Bese, kusasa ebusuku nangobusuku obulandelayo, sizobe-ke sesiqala khonamanjalo, kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke njalo, Aze afike. Akukhathaleki ukuthi kuthatha isikhathi eside kangakanani; siyohlala kuze. Hlanza inhliziyo yakho. Akasoze aWuthululela enhliziyweni engahlanzekile. Hlambuluka, lungela, khona-ke Uzokupha.

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda (asiphakamiseni izandla zethu manje)
> Ngoba Wangithanda
> Wang'thengel'insindiso
> Emthin'eKalvari.

Umfundisi usevele ushilo, futhi siyavuma, ukuthi kusasa ebusuku sizoqala ngelesikhombisa esikhundleni selesikhombisa ligamenxe. Lokho kuzongenza ngikwazi ukunikhulula ngelesishiyagalombili ligamenxe esikhundleni selesishiyagalolunye ligamenxe. Ngelesikhombisa ligam- . . . Ngelesikhombisa nqo, kusasa ebusuku, inkonzo yamaculo izobe isiqala. Ngiyoba seMlayezweni wami ngelesikhombisa ligamenxe.

> Ng'yaMthanda,

Asikhiphe amaduku ethu siMvayizele.

> Ng'yaMthanda

Velani niyihlakaze inkambiso yokugcina umthetho ngamehlo-nje manje!

Ngoba Wangithanda
Wang'thengel'insindiso
Emthin'eKalvari.

Kulungile, ngumfundisi wenu manje, Mfowethu Neville.

